


INDIDA

 INkosi inibusise. Kuthatheka ngempela kimi kuyi—kuyinhlanhla enkulu ukuba lapha kulokhu ukusa. Bengi... Kuyisibusiso esingalindelekile, ngoba mina, ukucabanga ukuthi bengizoba nalenhlanhla yokuthi ngithole ukukhuluma ikakhulukazi kini nje, ebesingakucabanga, ebesingakubiza ngokuthi, “iqembu eliqokiwe,” abefundisi nabazalwane bami lapha ababambisana kulomhlangano nokuwenza wenzeke. Bengilifuna lelithuba. Lendlela, ngithola ithuba ngesinye isikhathi ukuba ngichaze izinto engi—engingazenzi emsamo, ngoba nisezethamelini ezixubile lapho.

² Futhi ngihlangane nommeli lapha kulokhu ukusa, omunye wabazalwane, oSomaBhizinisi abangamaKristu. Futhi izolo ebusuku bengikhuluma ngoZakewu. Kanye lapho, niyazi, ngenkathi e... uJesu wayese... Kwakul’khuni ukuba akholwe; njengoba indaba encane esamdalo wasesiteji yayinjalo, ukuthi, “Wayengesuye umprofethi.” Kodwa ngenkathi uJesu ema phansi komuthi, futhi wabheka phezulu wayesembiza ngegama, wayesehla. Angizange nje ngisho ukuthi kwenzekani kuZakewu. Niyazi ukuthi kwenzekani kulowomfo na? Uba yilunga loSomaBhizinisi beFull Gospel, nelunga lomkhandlu lapho, kunjalo. Kusobala, uJesu wayengeke abe nalutho olunye kodwa iVangeli eligcwele, niyazi. Ngakho, yena engusomabhizinisi, leyo kwakuyingxenywe yokwakho... Ngakho, ubungakukhumbula lokho, ke.

³ Futhi ngakho ngangi—ngikhuluma ngoluny’usuku nge... enhla emhlanganweni wokugcina, ngokuba necala lasenkantolo. NoJesu waletha, noma uNkulunkulu wangeniswa, ngeZwi laKhe, ngokwepulwa kwesithembiso. Abanengi benu ukuzwile. Futhi ngakho bengicabanga mayelana mhlawumbe nokunikeza lokho, ngeSonto ntambama, lelicala lasenkantolo. Manje—ke lommeli lapha, angahle akwazi ukungiqondisa kwenye indlela yenqubo engihamba ngayo.

⁴ Ngakho, kodwa ngihlezi lapha kulokhu ukusa, impela kuyi—kuyinhlanhla. Bengiqalaza, abangani abehlukene, njengomfanyana lapha, umngani omncane lapha, usanda kungibizela laphaya. Futhi ubekhubazekile. Wathi, “Mfowethu Branham, uma nje uzongitshela ukuthi ngingahamba ngiphume lapha, yilokho kuphela engifuna ukwenze.” Niyabo?

Futhi ngacabanga nje, “Kuthandeka kanjani—kanjani!” Niyabo?

⁵ Kodwa, niyabo, lezizinto zithe ukwehluka kancane kunalokho esi... nicabanga ukuthi zinjalo. Niyabo? Niyabo? Manje, yilapho engicabanga khona ukuthi abaningi

babazalwane uchezuka khona emzileni. Niyabo? Niyabo? UNkulunkulu uyobadedela benze into ethize enokukholwa okuncane. Manje—ke bezwa ukuthi yonke into ababhampela kuyo, bavele bayisho nje, futhi yilokho kuphela.

⁶ Kodwa, niyabo, ngingasho kanjani ukuthi ISHO KANJE INKOSI aze Angitshele kuqala na? Ngifanele ngibe nakho kuqala. Uma kungazange, bengiyothi, “Usho kanje uWilliam Branham,” kodwa lokho bekungesize ngalutho. Kodwa, niyabo, manje, Uzofanele angitshele kuqala.

⁷ Indoda yayishayela yenyuka nge ambulense, nezingane. Futhi ngangibhizi ngempela. Yathi, “Awu, ngi...Uma nje uzongitshela; uze lapha futhi uthi ingane yami izosinda. Yilokho kuphela engifuna ukukwazi.” Awu, lokho, kuthandeka kanjani pho. Kodwa ngingakusho kanjani lokho ngize ngikwazi na? Niyabo? Uma ngi... .

⁸ Abanye abantu bayaqhubeka nje ngokucabanga, “INKosi ingitshele ukuba ngenze *lokhu*.” Awu, lowo ngu—lowo nguwe uqobo lwakho, izikhathi eziningi. Niyabo? Ufanele ngempela ukubone futhi ukwazi.

⁹ Benginga—ngakwenza kanjani mina...UMfowethu Fox lapha asho into ethize ngaphandle uma eqotho na? Wathi, “UMfowethu Branham washo *ukuthi-no-kuthi*.” Futhi uma ngingakushongo lokho, u—u—ungimangalela ngamanga ngokusho into engingayishongo. Kodwa uma ngempela ngikushilo, khona—ke ngifanele ngime ngemva kwakho.

Ngakho, nxa iNkosi isho noma yini, lokho kuyakwenza.

¹⁰ Ngihlangane neBaptisti encane lapha esikhashaneni esedule. Futhi akasiyo iBaptisti. Ngicabanga ukuthi uyiBaptisti eyiPentecostal njengami. Futhi—futhi ungomunye umningizimu okahle omdala. Ngiyambhekisisa edla lo ayiskrimu waseGeorgia kulokho ukusa lapha, lokho, amagenqelana. Futhi ngakho wa—wayengomunye walabo uhlobo oluphikelelayo, niyazi. Futhi wayebhema osikilidi, futhi enhle kakhulu iBaptisti, futhi nokho...Ngakho u—u...futhi wayenenqwaba yezinto ayeziqhuba. Futhi wayelokhu eqhubeka.

¹¹ Manje, phandle lapha emhlanganweni, yilabo, nina—ninabantu. Abantu, benza lokho, bona uqobo. Niyabo? Futhi nguKristu eza eMzimbeni waKhe. Niyabo?

¹² Manje, angikulungise kahle lokho khona manje, ngime nani nje umzuzwana nje. Niyabo? UKristu eza eMzimbeni waKhe, lokho akuqondile mina nje. Angisiwo uMzimba. Ngiyilunga nje lalowoMzimba. Niyabo? Nina niyingxenywe yalowoMzimba, futhi, “NgaMoya munye.” KwabaseKorinte bokuQala 15...KwabaseKorinte bokuQala 12, “NgaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye.” Singamalunga alowoMzimba, sonke, noma ngabe uyiMethodisti, iBaptisti, iLuthela, okamunye, okambili, okamhlanu, kumbe

noma ngabe yini eninayo. Niyabo? “NgalowoMoya munye sonke siseMzimbeni munye.” Uma uNkulunkulu emukela okamunye phakathi, nombono wakhe ongejwayelekile; ichurch of God phakathi, nombono wakhe ongejwayelekile; iMethodisti phakathi, nomqondo wakhe ongejwayelekile; iAssemblies phakathi, nombono wakhe ongejwayelekile; lokho kukuYe.

¹³ Nginabafowethu abayisishiyagalolunye, futhi sonke sehlukile komunye, kodwa sonke sinomzali ofanayo. Niyabo? Thina, sonke, singoBranham. Manje, abafowethu... Ngingumzingeli. Ngiyakuthanda ukuzingela nokudoba. Bonke abanye abanandaba nakho. Bathanda ukudlala igalofu nezinto ezinjalo, kodwa hhayi mina. Niyabo, lokho ngukungejwayeleki kwami. Kodwa nokho ubaba wabo ungubaba wami. Niyabo? Kodwa sonke siyavumelana, uma sekufika kubabayi, lowo nguye kuphela ubabayi wethu.

¹⁴ Futhi yileyo ndlela esiyenzayo, futhi. Manje bukani. Ibandla selibe, niyabo, nje liyakhula.

¹⁵ Njengoba nje bengizokhuluma kulobubusuku, phezu kokuthi, “Ukwembulwa kukaNkulunkulu oyedwa weqiniso,” kodwa ngicabanga ukuthi kuzothatha isikhathi esithe ukuba side kakhudlwana. Ngiqaphela abantu, emva cishe kwelesishiyagalolunye nqo, bathola ukuyaluyaluzi. Ngicabange ukuthi ngizolinda nje kuze kube ngesinye isikhathi etabernakele. Nginenye into engqondweni yami mhlawumbe yalobubusuku, ukuletha umlayezo wensindiso. Yilokho esikuzamayo. Lokho ngokwethu... esizama ukukwenza lapha.

¹⁶ Manje, nina bafowethu abangabefundisi, siphuthelwe ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. NjengoDokotela Bosworth omdala, osanda kuya eKhaya, eNkazimulweni, ezansi lapha, maduze nje. Wayevamise ukuthi, “Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyisicupho osibeka ehukwini. Awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku. Uyikhombisa isicupho. I— izithela esicuphweni bese ithola ihhuku.” Ngakho, yileyo ndlela okungayo. Si... Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kudonsa ukunaka nje. Niyabo?

¹⁷ Futhi, manje—ke, insindiso yilokho esikufunayo. Sifuna amandla oMzimba kaKristu. Niyabo?

¹⁸ Futhi zonke ezezinhlangano zenu ezehlukene, ezinye... Angikho kakhulu kangako enhlanganweni, ukuthi nje, “Ngingowale.”

¹⁹ Nga—ngagcotshwa, iBaptisti. Kwase kuthi—ke ngenkathi ngizwa ngamaPentecostal, ngacabanga, “He! Yini le?” Ngacabanga, “Yilokho engizojoyinana nakho.” Ngiza ngapha. Bahlakazeke nje njengoba amaBaptisti injalo, futhi nje zonke izinhlobo zezinto ezehlukene. Futhi onke aye... Ngacabanga, “Awu, manje, angizukujoyina nalinye lawo. Ngizoma ngqo phakathi kwawo bese ngiwaqaxa onke, bese

ngithi, ‘Singabafowethu.’” Futhi, niyabo, inqubo esivimbelayo ukuba sibe yilokho, yilokho engiphikisana nakho, inqubo, leyo. Niyabo?

²⁰ Futhi yilesosizathu ngikanye neqembu elilodwa, nalelo ngoSomaBhizinisi beFull Gospel. Niyabo? Sifuna ukwelula ithende lethu kangako, lizothatha yonke into, onke, niyabo, wonk’umuntu. Sonke singabafowethu. Niyabo, sonke singabafowethu, kuKristu. Manje, omunye wabaxhasi bami—bami abakhulu kunabo bonke yiAssemblies, neUnited, neFoursquare, neChurch of God. Nabo bonke labobazalwane, baphumelela ukuba babe ngamadoda angempela.

²¹ Manje, kuyini na? UKristu eza eMzimbeni waKhe. UKristu uyiZwi. Sonke siyazi ukuthi ugcobo nguKristu, oluza phezu kweZwi, olwenza iZwi liphile. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lolo lugcobo. UKristu lugcobo, uMoya oza phezu kweZwi, ophilisa iZwi, ukulenza liphile. Manje, iZwi lisenhliziyweni yakho. Ukholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, noma yini okunye. Niyabo? NoKristu, ugcobo, luza eMzimbeni waKhe. Niyakubona u—ukuxhumana lapho na? Njengendoda nomfazi nje ukuba babemunye. Manje, ibandla lizofanele lifinyelele enkonzweni, kuze kuthi ibandla noKristu babemunye. Angagcoba nina ngazo zonke izibusiso esiseBhayibhelini. Sonke singesenu. Yonke into ethenjiswa ngalonyaka ingeyenu. Uma sishiya noma yini ngaphandle... Niyabo? Manje—ke, uma ugcobo lushaya kulokho, kuzo—kuzoligcoba. Kulapha nje.

²² Njenge, ngi—ngisebenzisa lokhu njengesibonelo sokwenza. Kunemfundiso ebizwa ngokuthi yimfundiso yesivivane. Kodwa ningalokothi nifake lokho embonweni wenu, ukuthi ngi—ukuthi ngi—ngikholelwa ezimfundisweni zesivivane. Ngiyakholelwa eBhayibhelini? Niyabo? Futhi, nakuba, ngiyakholwa ukuthi ingxenye yesivivane yabamba iqhaza elithize kuso.

Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu waloba amaBhayibheli amathathu.

²³ Waloba elilodwa ezibhakabhakeni, okuyizodiyaki umgamu wezulu eliphezulu. Noma ubani uyakwazi lokho. UJobe wakhuluma ngakho. Ini? Bukani izodiyaki. Isuka iqale nge—ngentombi. Iphetha ngeNgonyama ibhubesi. Ufika kanjalo—ke, kuqala ngentombi. OwaKhe wokugcina, ofika ulandele, kuzoba yiNgonyama ibhubesi, niyabo, efika njengeNgonyama yesizwe sakwaJuda. Nakho konke, manje—ke, izinhlanzi eziphambene, esikukho manje, unyaka womdlavuzi, nayo yonke into, konke kuyakhuluma. Kodwa, khohlwa yikho. Niyabo? Lelo akusilo iBhayibheli lenu.

²⁴ Manje—ke, izivivane, impela ukuthi zazidwetshwa kanjani, itshe eliyinhloko lenqatshwa. Noma kunjalo, lelo akusilona iBhayibheli lenu.

Manje-ke, uNkulunkulu waLiloba ngamaZwi.

²⁵ UJesu ufika kathathu. Kanye, Ufikela ukuhlenga uMkaKhe. Isikhathi esilandelayo, Ufikela ukuMhlwitha. Isikhathi esilandelayo, Ufika naYe. Ukufika okuthathu. Niyabo?

²⁶ Yonk'into, njengo, "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," niyabo, konke, yonk'into isesithathwini.

²⁷ Isayense yezibalo zeBhayibheli iphelele. Uma uyigcina kahle leyo sayense yezibalo, ungayigcina kahle indaba yakho. Uyabo? Kodwa uma uchezuka esayenseni yezibalo, uzoba ne, esithombeni sakho, inkomazi icosha utshani esicongweni sesihlahla. Ngakho, kungeke ku-kungeke kubukeke kahle. Niyabo? Hlalani esayenseni yezibalo, niyabo, zeBhayibheli, bese nisikhipha kahle.

²⁸ Manje, bengikhuluma ngalona lapha osemncane, umfo obukeka ekahle ehlezi lapha. Yena, wayelokhu eza. Njalo, wayebeka igama lakhe ngengxoxiswano yangasese. Awu, ngenkathi enza lokho, khona-ke kulinda isikhathi eside, kwaze kwathi ekugcineni isikhathi sakhe siyafika. Nangu efika.

²⁹ Manje, engxoxiswaneni yangasese akunjengalokhu, niyabo, akusikho ukuhlala emhlanganweni njengoba senza lapha. Nizolinda iNkosi ize ikhulume futhi inikhombise ukuthi yenzani ini.

³⁰ Awu, akuzange... Wayengasoze a... Isikhathi sakhe sasizophela. Awu, wayengatheneki amandla. Wavele nje wabeka igama lakhe phansi enzela omunye. Ngakho kwathi ekugcineni kwasebenza phansi ngamakhulu ambalwa kwaze kwafika kuye futhi. Manje-ke, ngoluny'usuku, ehlezi endaweni... Wayezama, wayethatha yonk'imibono ephathelene nokusebenza kwengqondo ayengayithatha, ukubeka labosikilidi phansi, futhi wayengakwenzi. Kodwa ngoluny'usuku kuyafika, ISHO KANJE INKOSI. Kwakuyilokho-ke. Lokho kwaba ngukugcina kwakho. Futhi ngakho nangu ehlezi kulokhu ukusa. Yebo. Ngakho siyabonga ngalokho.

³¹ Manje, ake nginikeze nje izwi elincane lokukhuza umzuzu, uma kulungile ukuthatha lesi-lesisikhathi. Ngicabanga...

³² Ngibhekisisa iwashi elikhulu lapho. Ngeleshumi nqo, sifanele ngabe sesiphumile, ngiqondile. Ngizwe ngomvini wamagreypsi, emizuzwini embalwa edlule. Futhi nje ngifana nesitimela samafulaha; kade ngisonteka.

³³ Futhi-futhi ngiyakhumbula okokuqala, ngenkathi ngiqala ukushumayela. Futhi ngangisengomncane, umshumayeli wamaBaptisti, ngangigodla leloBhayibheli ekhwapheni lami, futhi ngangicabanga ukuthi nje ngangingumshumayeli wangempela. Omunye uthi, "Ungumshumayeli na?"

Ngangithi, "Impela. Yebo, mnumzane, nginguye ngempela."

³⁴ Futhi kungikhumbuza ngisengumfana, phandle eplazini. Ubaba wami—wami wayengumgibeli. Futhi ufundisa amahhashi futhi alandele umdlalo wokugibela, ukuba afundise amahhashi, kanjalo njalo. Wayengumgibeli okahle ngempela. Awu, ngacabanga, ngokuba yindodana yakhe, impela ngangingumgibeli, nami. Ngakho ngangi . . . ubabayi wayesuke ekude phandle ngemuva kweplazi, namahhashi akhe, niyazi. Futhi ngangikhipha ihhashi elidala lokulima, niyazi, selilidala futhi selidiyazela, ligongobe futhi likhathele.

³⁵ Futhi sasinomkhombe wamanzi omdala owawugwedwe ogodweni. Bangaki abake babona owodwa walowo na? Awu, ningabakuyiphi ingxenye yeKentucky, empeleni na? Futhi ngakho . . . Futhi sasivame ukwehlela lapho futhi sithole ukutinyelwa yizinyosi zoku, niyazi, ziza futhi zizokha amanzi azo nezinto.

³⁶ Ngakho, ngangibuka bese ngibona ubabayi enza umjikelezo wakhe, ensimini yombila, emuva le ngemuva. Ngangingena bese ngithatha isihlalo sakhe sehhashi, nogudluthukela ongagcwala isandla, niyazi, bese ngiwushutheka esihlalweni sehhashi, ngiphakamise ibhande lokubopha isihlalo sehhashi, bese ngigibela kuso. Nalelohhashi eselilidala bandla! Abafowethu abancane behlezi bezungeze konke lapho, bempopolozu, “Ligibele, Billy! Ligibele!” Niyazi, nehhashi bandla, likhathele kakhulu, lalingakwazi ngisho nokuphakamisa izinyawo zalo emhlabathini, niyazi, “gqishi, gqishi.” Ngacabanga, “Ndoda, ngabe ngingumgibeli!” Ngangifunde eziningi kakhulu izindaba zaseNtshonalanga. Kwakuyilokho—ke. Ngakho nga—ngacabanga, mhlawumbe, niyazi, awu . . . Niyazi, ngine . . .

³⁷ Ngoluny’usuku nganquma ukuthi babengidinga phandle eNtshonalanga, ukuyofundisa amahhashi abo, niyazi. Futhi, mina, cishe ngineminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala. Babefanele babe nami. Imisebenzi yami—yami wawudingeka, ngakho ngaphuma ngqo ngesinyelela futhi ngaphuma ngaya eNtshonalanga.

³⁸ Futhi ngazama ukuzithengela ipheya lesikhumba esivikela imilenze. Ngangingumfo osemncanyana, niyazi. Futhi ngangicabanga ukuthi kwakunokuhle . . . kwakuno A-r-i-z-o-n-a nekhanda lejongosi kukho. Manje, “O, he! Lokho kuhle.” Ngenkathi ngizifaka, ngangibukeka nginjengenyeye yalezizinkukhu ezincane ezifundiswe ukulwa, niyazi, kunalezozimpaphe zonke. Angikwazanga ukuhamba nezinto, ngakho ngavele nje ngazithengela ipheya lika—likaLevis.

³⁹ Ngacabanga, “Awu, ngizogibela isihlalo sehhashi sesiliva. Ngizophuma futhi ngizitholele okunye . . . Ngizohlala phandle lapho futhi ngilinde baze bakhiphelawomahhashi aboshelwayo.

Kunabanye balabobafo abathola ukuwiswa; ngizobakhombisa ukuthi agitshelwa kanjani. Ubabayi wami ungumgibeli.”

⁴⁰ Ngakho, ngakhwela othangweni. Babezofundisela phakathi amanye amahhashi. Ngase ngibuka laphaya esibayaneni, ngase ngibona leyomigulukudu phakathi lapho, lokho, he, owawungeke ngisho uphose phakathi ifolishi kulo. Ayeyimidlwembe kakhulu, ayengalidli. Ngakho, ngacabanga, “Awusho, angazi. Lelo alibukeki lifana nalelohhashi elidala lokulima engaligibela.” Ngakho ngalibuka isikhashana.

⁴¹ Emva kwesikhashana, babenelilodwa lapho ababelibiza ngokuthi, “umgulukudu waseKansas.” Ngakho balikhipha, ihhashi elikhulukazi eliqatha, cishe izandla eziyishumi nesikhombisa kulo. Laliyihhashi ngempela. Ngakho babeka i. . .

⁴² Kwakunendoda ekahle lapho, ifake yonke inyumfoma yayo enkulu, nayo yonke into; amantombazane onke eyivayizela. Yayiyingcweti ngempela. Ngayibuka lapho iphuma emotweni yayo. Bathi, “Lendoda ingaligibela lelihhashi.” Ngakho, balifaka emhubheni. Yase yenyukela lapho, yase ilifaka isihlalo, yahlala esihlalweni sayo.

⁴³ Bavula isango. He! O, he! Cishe ukutshikiza okubili nenhlanzi ethamela ilanga, futhi lalibukeka sengathi lalingasintshinga phezu kwenyanga isihlalo. Angikaze ngiyibone into enje! Awu, abathwalanayo bathatha ihhashi ne ambulense yathatha umgibeli.

⁴⁴ Nakhu kufika ummemezi ngakhona, niyazi. Wathi, “Ngizonika noma yimuphi umlisa lapha, amadola angamakhulu amahlanu, ongahlala kulo imizuzwana engamashumi ayisithupha.”

⁴⁵ Wehla ngqo ngomugqa. Angazi ukuthi kwaze kwaba kanjani, wangikhetha ngqo. Ngihlezi lapho, ngihlezi nje phezulu lapho nakho konke lokhu ukuba yikhawa elidala elonakala ubuhle, niyazi. Imilenze yami wawungagobeki, noma lutho. Kodwa nga—ngangicabanga ukuthi ngangingumgibeli wangempela, ngangikwazi ukuhlala lapho nabo. Ngangihlanganyela nabo, niyazi, isigqoko sami sihlezi emva kwekhanda lami. Ngangithi angibe neminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, ngiqagele, ngiqalaza *kanjalo*. Uyafika, wathi, “Ungumgibeli na?”

Ngase ngithi, “Qhabo, mnumzane.”

⁴⁶ Ngangingumshumayeli omncane wamaBaptisti, ngangivamise ukucabanga ukuthi uNkulunkulu wayengibizele ukuba ngumvikeli weZwi. Niyabo? Wayevikela u—ukukholwa. Ngolunyusuku ngangingale eSt. Louis, eMissouri, ngase ngiya emhlanganweni wethende, futhi ngagijimela kuRobert Daugherty. Ungumshumayeli wePentcecostal. Ngahlala phezulu emsamo naye. Ndoda, leyondoda yayishumayela ize ibe

l'hlaza'sibhakabhaka ebusweni, futhi igobise amadolo ayo kanyekanye, bese ibamba umoya. Wawungayizwa ebangeni eliyizindlu ezimbili zedolobha. Futhi ibuye yenyuke ishukumayela. Wayesethi omunye, "Ungumshumayeli na?"

⁴⁷ Ngathi "Qhabo. Mnumzane." Ngifika phakathi kwabantu bePentecostal; angisho okuningi ngokuba ngumshumayeli. Nganginalokho njengoba kwakunjalo ngehashi. Niyabo? Ngithi nje, "Qhabo. INkosi yangibizela ukukhulekela abantwana baYo abagulayo." Ngakho ngi... Niyabo?

Ngakho si—siyajabula ukuba lapha kulokhu ukusa, kulokhu.

⁴⁸ Sisesemcabangweni wokugibela; ngiyayithanda impilo yokuphumela ngaphandle. Yilapho engathola khona uNkulunkulu. Futhi ngangivame ukwelusa kancanyana impela, eColorado, ngenyukele lapho. Manje, ngivame ukugibela ngiqoqa izinkomo, nokunye nokunye. Sasine... enhla eMfuleni iTroublesome. Manje, isikhathi esiningi ngime lapho ngaseceleni kwesango, ngenkathi sasinokuqoqa izinkomo, ukuqoqa izinkomo entwasahlobo kuthumela izinkomo enhla. INhlangano yamaHereford idlisa esigodini. Uvuse amathani amabili efolishi; unelungelo, noma iplazi lakho lezinkomo, ukubeka inkomazi ehlathini. Nabanye babo unamakhulu omhlambi, ngoba banalapho abakwazi khona ukunisela ngenkasa ezansi lapho. Banaleyomfunda yasendle. Bese kuthi—ke okwe...

⁴⁹ Njalo entwasahlobo, uma beqhubela lezozinkomo enhla ehlathini enhla lapho, u—umqaphi uma lapho futhi ubala lezozinkomo, bese ebhekisisa izimpawu. Zona, ngayinye, zishaywe uphawu. Iqembu elincane engangilisebenzela lalingenazo eziningi kakhulu, cisse ikhulu namashumi amahlanu, umhlambi ongamakhulu amabili, uphawu oluncane oluyisisekelo esimilenze mithathu. NamaGrime, iBar, iDiamond Bar, babecishe babe nomhlambi ongamakhulu ayishumi nanhlanu.

⁵⁰ Kodwa kunento eyodwa engangiyiqaphela njalo, ngenkathi ngimi lapho. Emva kokuba sesenyusele izinkomo lapho, nomqaphi ame othangweni lwezibuko. Lolo lungolokuvimbela izinkomo zingangeni futhi empahleni engeyomuntu yedwa. Ngangivame ukuhlala lapho futhi ngigaxe umlenze wami ophondweni lwesihlalo sehhashi bese ngibhekisisa lowomqaphi. Futhi wayebhekisisa lezozinkomo zedlula, ame lapho. Onke amankomazi ayedlula, wawufanele uwahlole. Uyaqaphela, wayengalunaki kakhulu uphawu olwalukuwo. Kodwa kunento eyodwa ngempela ayeyibhekisisa, lelo kwakuyicici legazi. Niyabo? Ngoba, ungeke wafaka lutho lapho ngenxa yohlobo, ugcina u—ulayini wohlobo ukahle. Niyabo? Akukho lutho kodwa iHereford yangoqobo eyayi ngangena kulelopaki; lelopaki, akukho lutho kodwa iHereford. Yayifanele ibe necici

legazi, ukukhombisa ukuthi yahlolwa. Futhi yayinecici legazi, ukukhombisa ukuthi kwakuyiHereford.

⁵¹ Ngicabanga ukuthi vileyondlela ukuqoqwa okukhulu okuyoba ngayo. Akayikusibuza ukuthi ngabe sasiyiAssemblies, kumbe noma ngabe sasiyiFoursquare. Uzobheka lelocici leGazi, akunandaba nophawu lwethu. Sizobhekisisa icici leGazi. “Ngibona iGazi.”

⁵² Mina, ngijabula kakhulu ukuba ngimataniswe nabantu abanje njengalabo kulokhu ukusa. INkosi inibusise kakhulu ngempela manje. Sengihlalile ngixoxa nani; isikhathi sami singaphela.

⁵³ Ngifuna ukufunda iZwi leNkosi, ngoba akukho-nkonzo ephelele ngaphandle kokufundwa kweZwi. Manje asiphenye ngale emiBhalweni lapha nemicabango embalwa nje engiyikhiphe ngayilayinisa.

⁵⁴ Ngangivame ukuthi, ngicabange ngezinto engangizozisho, ngaphandle ngisho kokuba ngibhale inothi. Kodwa selokhu ngedlule amashumi amabili nanhlanu, okwesibili, angisakucabangi njengoba ngangivame ukwenza. Ngakho ngidingeka ukuba ngithi ukwenza inothi, ngibhale phansi indikimba yami, engizokusho, futhi ngicabange ngakho. Bese-ke ngicabanga futhi, okuningana.

⁵⁵ Ngangisengumfanyana ngaleyonkathi. Ngangibhacebhaceka nje, njengokudubula ngeshot gani. Niyabo? Kodwa manje usufanele ukwenze kube ngunqamlajuqu. Abantu beza ukuzongizwa ngoba nje ngangingumfana ongumshumayeli. Lena sekuyiminyaka engamashumi amathathu-nantathu emva kwepulpiti kimi. Kodwa manje ngihlangana namadoda amakhulu, njengalawo engihlezi phambi kwawo kulokhu ukusa. Ufanele ushaye esikhonkosini. Kufanele kube yiZwi.

⁵⁶ Ngikhumbula umshumayeli wamaBaptisti omdala owangigcobayo. Ngiyasikhumbula isikhathi sami sokuqala ukuba ngishumaye. Ngangivele ngikhale nje futhi ngishaye phezu kwedeski, nayo yonke into kanjalo. Nabanye besifazane asebekhulile bedlule futhi bangimbambathe emhlane, bathi, “O, s’thandwa,” futhi ngikhala. “Uzoba yinceku enkulu kuKristu.”

⁵⁷ UDr. Davis omdala ahlale lapho, wayengibuka ngqo esweni. Ngathi, “Ngenze kanjani, Dr. Davis na?”

⁵⁸ Wathi, “Okubi kunakho konke engake ngakuzwa empilweni yami.” Wangithethisa. Ngakho wayengummeli. Ngakho wa-wathi kimi, kamuva, wathi, “Woza ngapha lapho okutadishelwa khona, Billy.” Wathi, “Billy, onke amadlingozi akho, nakho konke odlule kukho,” wathi, “wawuzama nje ukuziphathisa okomshumayeli.” Wathi, “Nga-ngathola into efanayo ngenkathi ngiba ngummeli.” Wathi, “Ngi. . . Icala lami lokuqala laliyicala lesahlukaniso, futhi,” wathi, “ngempela lalingenandawo nhlobo.

Kodwa,” wathi, “Ngathi kulona wesifazane ozihluphekelayo. . . Ngakhala, futhi ngagijima nezinyembezi zami.” Wayesethi, “Ngi. . . Lona wesifazane omncane ozihluphekelayo, umyeni wakhe wenza *ukuthi-no-kuthi* nezinto.”

⁵⁹ Wayesethi, “Ngathola into efanayo engikunika yona, ngase ngicabanga ukuthi kungaba yinto enhle.” Wathi, “Into yokuqala uyazi, i. . . Ngakho omunye ummeli washaya ideski wayesethi, ‘Mehluleli, wena wakomkhulu, mnumzane, iyowumela kuze kube nini lombhedo inkantolo yakho na?’” Niyabo? Wathi, “‘Akakasho neyodwa into ukuvikela umuntu, namanje, akukho neyodwa ingxenye yomthetho. Uyakhala nje futhi ugxuma uya phansi-na-phezulu.’” Wathi, “‘Uyazi uk’thini? Lokho kwangibohlisa futhi kwangibuyisela lapho engingakwazi khona.’” Wathi, “Manje, Billy, wawenza onke amadlingozi, ukhala futhi ugxuma phansi-na-phezulu, kodwa awuzange ulethe neyodwa into yomBhalo ngempela enikeza izinto zesisekelo, ngakho.” Kunjalo.

⁶⁰ Manje sidubula ngesibhamu. Sizofanele sibekwe kwelamanqamu. Sizofanele sishaye emhlolweni. Nkosi sizame manje njengoba siLifunda! Kusukela kuJoshuwa, isahluko 10. Futhi ngizoqala evesini 12, futhi ngifunde uJoshuwa 10:12 kwehlele evesini 14 noma 15.

UJoshuwa wayesekhuluma eNKOSINI mhla iNKOSI inikela ama-Amori phambi kwabantwana bakwaIsrayeli, yathi ebusweni babakwaIsrayeli, Langa, yima eGibiyoni; nawe, Nyanga, esigodini saseAjaloni.

Lase lima ilanga, nenyanga yahlala, abantu baze baziphindiselela esitheni zabo. Akulotshiwe yini lokhu encwadini kaJasheri na? Ngakho ilanga lema phakathi nomkhathi, alisheshanga ukushona kungathi usuku lonke.

Futhi aluzange lube-khona usuku olunjengalo ngaphambi. . . noma ngasemva. . . lokuba iNKOSI ililalele izwi lomuntu: ngokuba iNKOSI yamlwela uIsrayeli.

⁶¹ Manje, uma nizongixolela umzuzu, ngifuna ukuthatha indikimba lapha kulokhu ukusa, ngendaba yegama elilodwa.

⁶² Manje, wena uthi, “Mfowethu Branham, lokho aku—lokho akusikho okwezethameli eziningi kakhulu lapha, abantu abayikhulu namashumi amahlanu noma kanjalo. Lokho a—lokho akwenele.” O, yebo, kwenele. Kwe—kwenele. YiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Akunandaba, ku—ku—ku. . . Akusibo ubunjalo; yisibalo.

⁶³ Njengalapha, kungekudala, eLouisville, eKentucky, ngangicabanga ngomfana omncane owakhwela ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi, wayehambe ecinga, ngolun’usuku. Wayesethola ekamelwaneni elidala eliphezulu

phansi kophahla lwendlu, etrankini encane wathola isitembu sokuposa. Wayesecabanga, “Uyazi, lesi singahle sibize inani elithize.” Ngakho wathathela ngejubane wayesethola umqoqi. Futhi, kusobala, wayeno ayiskrimu engqondweni yakhe. Wathi, “Uzonginikani ngalesisitembu na?”

⁶⁴ Wathi, “Awu, ngizo—ngizokunika idola ngaso.” O, he, lezo kwakuyizinkomishana ezithi azibe yishumi zika ayiskrimu lapho, niyazi, ngakho wa—wayecabange ukuthi wayenze umtutilizo.

⁶⁵ Leyondoda yasithengisa, kamuvanyana, ngamadola angamakhulu amahlanu. Futhi ngiyakhohlwa manje, siya ezinkulungwaneni, inani elibiza lesositembu. Niyabo, mayelana nephepha, sasingenani. Kodwa kuyilokho okubhalwe kuso, okwenza umehluko.

⁶⁶ Leli yiphepha laseNdiya nje elejwayelekile. Kodwa kuyilokho okukulo. NguNkulunkulu esimweni sencwadi. Niyabo? Yebo. Ngezinye izikhathi yi. . . Akunandaba ukuthi lincane kanjani. . .

⁶⁷ Yilapho—ke thina bantu esenza khona iphutha lethu. Njalo sifuna ukwenza into ethize enkulu. Mhlawumbe awugcotshelwanga ukwenza into ethize enkulu. Mhlawumbe yizinto ezincane esizishiya zingenziwe yilokho okusilimizayo.

⁶⁸ NjengaseCanada, ngangimi lapho nomngani wami olungileyo, uDr. Ern Baxter, owayevame ukuba yindoda yami yasemsamo; enomoya omuhle kakhulu, indoda enobuciko bokukhuluma. Futhi ngenkathi. . . uKing George, engaba nenhlanhla yokumkhulekela, niyazi, ngenkathi ephiliswa enokuqina kwemithambo okuninginingi. Ngenkathi yena nomkakhe bedlula ezansi emgwaqeni ngalolosuku eVancouver lapho, lapho behla ngomgwaqo lapho. Wayeseshaye ingubo yakhe el’hlaza s’bhakabhaka. Nenkosi uqobo lwayo ihlezi phezulu lapho, izama ukuhlala iqonde, ithunukala futhi igula, izilonda zayo ziyihlupha. Kodwa nokho yayazi ukuthi yayiyinkosi, ngakho yakhothama kubantu. Futhi ngenkathi idlula, uErn nami sakulalela. U. . . UErn wavele nje waphendula ikhanda lakhe wayeseqala ukukhala. Wayengenakukubamba. Wathi, “Mfowethu Branham, inkosi yami iyedlula.”

⁶⁹ Ngacabanga, “Uma kuyokwenza umCanada azwele kanjalo, kuyokwenzani uma sesibona iNkosi yethu yedlula.”

⁷⁰ Bakhhipha, bonke abantwana, ibandla, noma izikole zakhishwa, ukuba zibone inkosi. Babanika amaflege amancane aseBritani, ukuba bawaphephezelise. Ngenkathi sebuyela esikoleni, emva kwendlela yenqubo yabo yenhlalayenza, bathola ukuthi umfo oyedwa omncane akabuyanga. Nothisha washaqeka, ngakho waphuma ukuyocinga umfo omncane. Futhi wayemile, intombazanyana yayimi emva kwesigxobo, ikhala kakhulu ngenhliziyo yayo encane. Uthisha wayiqukula

wayesethi, “Yin’indaba, s’thandwa na?” Wathi, “Awuyibonanga inkosi na?”

Yathi, “Yebo, ngiyibonile inkosi.”

Wayesethi, “Uliphephezelisile iflege lakho elincane na?”

Yathi, “Yebo, ngiliphephezelisile iflege elincane.”

Wathi, “Ukhala mayelana nani na?”

⁷¹ Yathi, “Uyazi,” yathi, “Ngimncane kakhulu.” Yathi, “Ngi—ngiyibonile inkosi, futhi ngiliphephezelisile iflege lami, kodwa inkosi ayisingbonanga.” Niyabo? Nenhliziyayo yayo encane yephuka.

⁷² Lokho ngukwehluka eNkosini yethu. Ungeke waba mncane kakhulu; akukho noma yini ongakwenza. I—Ibona wonke umnyakazo omncane owenzayo. Yazi konke ngawe.

⁷³ Manje, indaba yami kulokhu ukusa, engizokhuluma ngayo imizuzu embalwa, iNkosi ithanda, ithi: *Indida*.

⁷⁴ Yini indida na? NgokukaWebster lapha, kusho ukuthi, “into engakholakali kodwa iyiqiniso.” Ngicabanga ukuthi sike sakubona lokho, izinsuku ezimbalwa ezedlule, lesisigaba esincane. Kodwa, *indida*, oku “ngakholakali, kodwa nokho kuyiqiniso.” Lokho kwenza indida.

⁷⁵ KumaHeberu, isahluko 11 nevesi 3, siyabona ukuthi izwe ladatshulwa kanye kanye ngeZwi likaNkulunkulu.

⁷⁶ Emavikini embalwa edlule, ngangiseDolobheni laseNew York eHholo laseMorris. Ngezwa leteyipu ka—kaEinstein ekhuluma ngalowomthala, wokuthi mangaki...Uma sisuke lapha futhi sahamba, ngicabanga ukuthi, iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu, kuhamba ngejubane lokukhanya, kusithatha iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu ukufinyelela laphaya, bese—ke kuba yiminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu ukubuya. Manje, niyazi ukuthi ukukhanya kuhamba kusheshe kangakanani. Niyabo? Futhi, cabangani nje, iminyaka yokukhanya eyizigidi eziyikhulu namashumi amahlanu. Awu, uma ubungagijimisa uhlu lwezishiyagalolunye zizungeze, zizungeze, zizungeze umhlaba, ubungeke neze ukuhlaziye kube yiminyaka. Isishiyagalolunye nje, isishiyagalolunye, isishiyagalolunye, ukusondeze ndawonye, kuzungeze umhlaba, ubungeke nje ukuhlaziye kube yiminyaka. Ngokuba, cabangani nje, ukukhanya kuhamba...Kuyini na? Amakhulu ayisishiyagalombili, isishiyagalombili...ikhulu namashumi ayisishiyagalombili—nesithupha... amamayela ayizinkulungwane eziyikhulu—khulu namashumi ayisishiyagalombili—nesithupha ngomzuzwana. No—nonyaka wokukhanya na? Eminyakeni yokukhanya eyizigidi ezingamakhulu amathathu, zama ukufufanisa. Futhi niyazi ukuthi kude kangakanani—ke, ebesizobe sihambe ngayo

sisuka emhlabeni na? Iminyaka engamashumi amahlanu. Kunjalo. Niyabo?

⁷⁷ Babhobokela phakathi, ukuthola, iPhakade. Bathi uJohn Glenn, usomkhumbimkhathi owajikeleza, akuzange kususe nowodwa umzuzwana wempilo yakhe, ngisho nejubane ayehamba ngalo, cishe amamayela angamakhulu ayishumi nesikhombisa. Niyabo? Ngakho manje-ke, niyabo, sabhobokela ePhakadeni. Singabantu ababanjwe ngumhlaba owazi nje ama intshi kanjalonjalo. Uma ubhobokela kulokho okungaziwayo, u-ungeke wakulinganisa ukujula kwalokho. Imiqondo yethu ayibanzi. Thina, besingeke. Besingeke sakulinganisa ukujula ukuthi kusho ukuthini ukungena kulokho, kodwa siyazi ukuthi lokho kuqinisele.

⁷⁸ NoEinstein wathi, “Yinye kuphela into ehluzile ukuyisho ngezwe. Ngokukholwa siyaqonda ukuthi uNkulunkulu wadabula izwe kanye kanye.” Niyabo?

⁷⁹ Nezwe, limi lapho emkhathini, lifanele ukuthi lavela ndawondawo. Isayense ithi uphisi welanga. Manje-ke ilanga lavelaphi na? Niyabo, ulokhu ukuhlaziya, kuze kuthi ekugcineni ufika endaweni ozofanele uthole ngayo, kwafanele kube nokuqala. Niyabo? “UNkulunkulu wadala amazulu nomhlaba,” siyafundiswa eBhayibhelini. Futhi uma kanjani lapho emkhathini wawo na? Awugudluki neze. Awu . . .

⁸⁰ Ungeke wathatha ithuluzi . . . Ngike ngafaka, elivela kowami ongumFinishi, imihlangano yami phesheya kwezilwandle, neSwitzerland, elinye lamawashi abo edlula onke engaphiwa lona, ngenkathi ngilapho. Ngempela li . . . Ngiyacabanga, ngemali yaseMelika, libiza ikhulu namashumi amahlanu, amadola angamakhulu amabili, mhlawumbe ngaphezulu. Kepha nokho lelowashi liyozuza lilahle futhi, ezinsukwini ezimbalwa nje. Ngaliyisa kumkhandi wamawashi. Wathi, “Awu, asinalutho oluhlala luphelele.” Niyabo?

⁸¹ Kodwa izwe liyakwenza, ngokuphelele, esikhathini salo. Bangakusho ukufiphala kwelanga nenyanga, eminingi, iminyaka eminingi ngokwehlukana, kuya emzuzwini nje. Ukuthi liphenduka kanjani, kepha nokho kungekho lutho oluliphakamisile.

⁸² Yiliphi iphezulu futhi yiliphi iphansi na? Asazi. Ngabe iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho iphezulu, noma iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu iphezulu na? Sisemkhathini. Leyo yindida, akusiyo na? Kungeke kwachazwa. Noma yini e-engeke yachazwa kanjalo, kalula iyindida. Ngakho sithola ukuthi kwakuyindida ezweni ukuba-ukuba libe semkhathini. Kulungile.

⁸³ Nesikhathi nezinkathi zonyaka, lizingamula kanjani izikhathi zalo zonyaka ngesikhathi esifanayo nje na? Ukuthi

kukanjani lokho, ihlobo nobusika... Ukuthi lincika kanjani, liyaqethuka. Ukuba lalime mpo... .

⁸⁴ Manje, sakufakazisa lokho, ngesinye isikhathi, lalime mpo, njengoba uNkulunkulu wathi lalinjalo. Phezulu, ezinkundleni zika ayisi zaseBrithani, bangaqhumisa amafidi angamakhulu amahlanu kulowo ayisi, kunamasundu, izikhomakhoma, okwakukhombisa ukuthi kwake kwaba ngamazwe anokushisa okukhulu. Futhi manje, niyabo, liqethukile. Kusukela ekubhujisweni kwezwe lamandulo phambi kukazamcolo, laqethuka. Futhi ngiyakholwa, yona impela into abayiphosa ngaphandle komjikelezo walo ngaleyonkathi, isilungele ukukuphosa ikubuyisele emjikelezweni walo manje.

⁸⁵ Umuntu uyazibhubhisa ngolwazi lwakhe. Niyabo? Akazange... UNkulunkulu akabhubhisi lutho. Umuntu... Futhi ni... Singeke. Akunandaba ukuthi si—singachithani, singeke sashabalalisa. Akukho lutho. Futhi ngisho namlilo ungosondele kakhulu esinawo ekushabalaliseni, kodwa ningeke nashabalalisa. Nxa imililo ivutha, lokho ngamagesi ehlahazeka. Kubuyela emuva ngqo esimweni sakho sasekuqaleni futhi. Ungeke washabalalisa lutho. Abanye abantu banecala kakhulu baze bafune uku—ukuthatha umzimba wabo futhi bawushise, futhi bawuphephe thele emimoyeni eyisikhombisa yezilwandle. Kodwa lokho akwenzi mehluko. Okwakho... Akusikho okushatshalalisiwe. Ungeke washabalalisa. UNkulunkulu wakudala. Ungeke wakudiliza... Unga—ungaphendukezela noma uqhubeke, noma wenze ezinye izinto, kodwa ungeke washabalalisa. UNkulunkulu nguYe yedwa Ongashabalalisa. Ungumdali. NguYe yedwa onelungelo lokukwenza.

⁸⁶ Ukuthi limi kanjani emkhathini! Kuningi kakhulu ebesingakusho kulokho, sithathe amahora phezu kwakho. Kodwa siyathola lapha ukuthi uJoshuwa, emisa ilanga, manje, leyo yindida.

⁸⁷ Ngiyasikhumbula isikhathi ukuthi ubaba wami omdala, wayengenamfundo, futhi ngi... Kwakul'khuni nje ukuthi asayine igama lakhe. Kodwa wayevamise ukuthi kimi, wathi, "Uyazi, ngangingakukholwa neze lokho—lokho, kodwa ukuthi ilanga liyaphenduka, ezweni."

Ngase ngithi, "Awu, angazi, babayi."

⁸⁸ Ngoluny'suku esikoleni esiphakeme, ngiyazi ngangikhuluma kuthisha wesikole esiphakeme lapho, se—seBhayibheli, nga—ngase ngimbuza lombuzo ngoJoshuwa. Wathi, "Ukuphenduka komhlaba kwenza amandla okudonsela emhlabeni, namandla okudonsela emhlabeni abamba i—izwe lama."

⁸⁹ Ngase ngithi, "Manje—ke, kungani—ke, (wena ufundisa iBhayibheli), ngabe uJoshuwa wayalela i—ilanga ukuba lime ngqi na?"

90 Wathi, “UNkulunkulu akakunakanga ukungazi kwakhe, uyabo, wayesemisa izwe.”

91 Ngathi, “Usanda kuqeda nje ukungitshela...” Manje, wayengakholelwa ezimangalisweni zikaNkulunkulu. Niyabo? Wayesethi... “Usanda kuqeda nje ukungitshela, ‘Uma izwe lingake lize lime, beliyoyeka amandla alo okudonsela emhlabeni, khona-ke belingadubuleka njengenkanyezi ehudayo emoyeni.’ Ngathi, ‘IBhayibheli lathi izwe lama ngqi lapha amahora angamashumi amabili-nane.’ Niyabo? Niyabo?”

92 Yindida. Kodwa, uNkulunkulu wakwenza, empeleni, (ini?) ngomuntu; hhayi unkulunkulu, hhayi iNgelosi ethize enkulu yehla ivela eZulwini; umuntu, enokukholwa ekuthunyweni ayenikwe khona, ukuthatha lelozwe. IZwi likaNkulunkulu lalisemva kwakho, “Ngininika lelizwe. Futhi ndawo zonke lapho amathe onyawo lwenu eyakunyathela khona, lelo Ngilininika nina. Lingelenu.” Amanyathelo ayechaza ukulidla. Nelanga liyilokho oku... .

93 U—ukuzuza ngempumelelo ayezama ukukwenza! Niyabo? Isitha sakhe saphithizela, futhi wayazi, uma ilanga like laze lashona, lawomakhosi ayezobuthana ndawonye futhi ayezobuyela phezu kwakhe esenamabutho aphindwe kabili. Ngakho, ilanga lase liyoshona, futhi uJoshuwa, umuntu, wayala ukwenza lokhu. Wathi, “Langa, yima ngqi.”

94 Noma yini uNkulunkulu ayenza, angazi. Kodwa ilanga lama ngqi, inyanga phezu kweAjaloni, ngoba umuntu, isidalwa esingumuntu, isidalwa esingumuntu sasisemgqeni womsebenzi. Emgqeni womsebenzi, wayala ilanga ukuba lime ngqi. Futhi uma singamaKristu, sizofanele sikukholwe Lokhu ukuthi kuyiZwi likaNkulunkulu elingenasiphosiso, ndawo zonke. Wamisa izwe, wamisa ilanga. Noma yini Ayenzayo, lama ngqi amahora angamashumi amabili-nane. Ngiyakukholwa.

95 UJesu wathi, kuMarku oNgcwele 11:22, “Uma nithi kulentaba, ‘Nqokuleka,’ futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushilo kuzokwenzeka, ningaba nakho enikushilo.”

96 Kodwa lokho kuthatha injongo nempokophelo. Kusobala, uzofanele ube nesizathu sakho. Ungeke waba nokukholwa ngaphandle uma unesizathu esithize. Njengoba ngizamile ukusho izolo ebusuku, okunye ukukholwa kwabantu kusencwadini yabo efundwayo, okunye ukukholwa kwabantu kukwenye into ethize, kodwa kuya ngokuthi ukukholwa kwakho kukuphi. Ngifuna ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, Akushoyo kuyiqiniso. Khona-ke ngifanele ukubona ukuthi ngabe yintando yaKhe noma qha. Manje-ke, uma intando yaKhe, ngifanele ngihlole impokophelo yami kukho, bese-ke kuba yinjongo yami ekukwenzeni.

⁹⁷ Uma ngikwenza ngoba ngithi, “Awu, ngiya ngale kwentaba lapha. Kunentaba phambi kwami. Kunabantu abayisigidi kulelocala, bebhubha. Ngingekhulu lezigidi ngapha engishumayela kulo.” Awu, uma ngingenakufinyelela ngale, ngokuzungeza, noma phansi kwentaba, noma lutho, futhi nokho into ethize enhliziyweni yami ilokhu ingitshela, “Yana ngale kwentaba. Yana kubo. Yana kubo,” futhi ngingakwazi ukuya ngale kwayo. Manje, uJesu wathi, “Bayakugudlula lentaba.” Niyabo? Uma...

⁹⁸ Manje, into yakho ingukuthi, ngukuthi kuqala, uma-ke ngithi... Manje, kuqala, angikaze—angikaze ngikudale lokho phakathi lapho. Into ethize yadala lokho. Kungokwembangela enhle. Ngoba, kungani ngiye esigidini esisodwa, kube ikhulu lesigidi lapha, libhubha ngakulelocala na? Kodwa kuyinto ethize enhliziyweni yami, ithi “Welela kulelocala.”

⁹⁹ Manje, into yokuqala, ngizodingeka ngithi, “Awu, uma ngiya laphaya, lelicala lingangikhokhela kuphela *engaka* ngenyanga. Futhi laphaya, ba...” Niyabo, injongo yami ayilungile. Impokophelo yami ayilungile. Qhabo.

¹⁰⁰ Awu, uma-ke ngithi, “Qhabo, anginandaba nemali. Kodwa uma ngifika laphaya, ngolunye usuku, e—eminyakeni ezayo, bayomisa itshe elikhulukazi lesikhumbuzo, bathi, ‘UMfowethu Branham, isithunywa esikhulu senkonzo’”? Manje-ke, kusalokhu, injongo yami ayilungile.

¹⁰¹ Kodwa uma ngingenandaba uma baze bazi ukuthi ubani owawelela lapho, “Usenziliziyweni yami nje,” khona-ke ngizokhuluma kuleyontaba. Kuyokwenzeka. Niyabo? Kuzofanele.

¹⁰² Kodwa, niyabo, injongo yakho nempokophelo yakho iya ngokuthi ungubani nokuthi bhizinisi lini. Ukuthi yini eyakho... Ini? Likugeja lapho-ke ibandla, kuze kube manje. Bathola ukusetshenzwa ngedlingozi, futhi, into yokuqala niyazi, emdlandleni, awumi ukuba ukuhlole emuva Lapha futhi. Hlola Lapho, ukuqiniseka, khona-ke kunguISHO KANJE INKOSI. Ubone ukuthi ngabe kuqinisele yini.

¹⁰³ UJoshua wayenokuthunywa ukuba awele nokuthi athathe lelozwe, noNkulunkulu wabangela indida enkulu. Ngisho nesayense ingakufakazisa, namhlanje, isibazi sisalokhu sisesibhakabhakeni, lapho lokho ngokoqobo kwenzeka khona. Ngezwa eChicago, kungekudala, usosayense exoxa, owayekukhombisa eshadini elincane, lapho okwenzeka khona.

¹⁰⁴ Manje siyathola, futhi, uMose wayesemgqeni womsebenzi, naye. Futhi kwakukhona uLwandle oluBomvu.

¹⁰⁵ Niyibonile leyondatshana eyavumbuka abanye balabobantu bazama ukwenza manje, ukuthi uMose wedlula e—esixhekeni semihlanga, ulwandle lwemihlanga na? Lokho kwakungekubi kakhulu na? Nje bezama... Udeveli ephfumulela kulabobantu

ukuba basuse iQiniso leZwi. Ayengakwenza kanjani amanzi. . . Futhi manje—ke ngabe imihlanga yaminzisa uFaro ngaleyonkathi lapho eza na? Kuyahlanya. Niyabo?

¹⁰⁶ Manje—ke sithola ukuthi uMose wayenokuthunywa ukuba akhiphe labobantu eGibhithe, baye kuleyontaba. Futhi kwakulapho, emgqeni womsebenzi. NoMose uqala ukukhala kuNkulunkulu, ngenkathi ebona iNsika yoMlilo ilenga phezulu lapha. Futhi nakho kufika izinqola zempi zikaFaro. Futhi wakhala. I—iNsika yoMlilo yehla, yayingukukhanya kubo, nobumnyama kubo. Futhi uNkulunkulu wathi, “Ukhalelani kiMi na? Ngikuthume ukuba ukwenze. Khuluma futhi uye phambili.” O, he!

¹⁰⁷ Inkathazo yakho ingukuthi, namhlanje, amabandla ayakhuluma, kubukeka njengokuthi, uthi, “Wathini uMoody na? Wathini uSankey na?”

¹⁰⁸ Khulumani futhi nisho ukuthi uNkulunkulu wathini. Asiye phambili, singabheki emuva. Yanini *ngapha*.

¹⁰⁹ Kul’khuni kulawa, amakhona ajikayo. Ibandla alifuni ukukholwa yilokho, niyabo. Bahlala njalo bekhomba emuva ukusuka lapho iso labo lemfundo ababuka ngalo likhona. Kusobala, leso yisikole, kuso uqobo. Niyabo? Bafunda lokho ngokufundwa kwencwadi. Siyakwazi Lokho ngesehlakalo, sokwethemba uNkulunkulu, niyabo, nokwazi ukuthi Uyakwenza lokhu.

¹¹⁰ Kwakuyindida, ukuthi uNkulunkulu wavula nge loluLwandle oluFile futhi wenza leyonto enkulu.

¹¹¹ UNowa, ngesikhathi sakhe. Khumbulani, uNowa wshumayela kwelezihlakaniphi. . . ezweni lezihlakaniphi njengoba si list- . . . shumayela kulo manje, usuku ngenkathi base beqhubekele phambili kwisayense kunoma sinjalo thina manje. Besingeke sasakha isivivane. Ayikho indlela kithi yokuba sisenze. Asinayo imishini yokusenza ngayo. Ezinye zazo—zazo. . . Uma wake waba lapho, ngani, lawo—lawomatshekazi ayesinda amathani, amakhulu amathani, aphezulu le emoyeni. Asinamishini yokuliphakamisela lapho. Lutho nhlobo lokukwenza ngalo, akukho—mandla abengaliphakamisela lapho. Bakwenza.

¹¹² Ngiyakhumbula esikoleni, sasinenkulumo-mpikiswano ngalokho. Ngathatha uhlangothi lokuba sithi babenemfihlo ethize. Babengazi. . . Nophikisana nami, wathatha uhlangothi lokuba athi, ngani, babenamadoda enele ukulizungeza, futhi enza i—ileveli yomhlabathi *kanje*, base—ke beligingqela phezulu. Ngathi. . . Mina—mina ngisebenza esigabeni seviyo, ngathi, “Ngani, singeke. . . Thatha inqola yesitimela inamasondo, futhi wona efakwe ugrisi, bese uwafaka emzileni wakwaloliwe, futhi ungeke wafaka amadoda enele ngapho ukufuqa leyonqola yesitimela, futhi yona ingenalutho. Kunjalo. Uthola nje iqeqeba

elilodwa lamadoda, bese kuthike indoda elandelayo i—ifuqa ngokubhekana naleyondoda. Niyabo? Beningeke niyinyakazise uma beningadingeka nikwenze.

¹¹³ Babenemfihlo. Babazi ukuthi kwenziwa kanjani. Babenelikhulu, kakhulu, ithuluzi elikhulu kakhulu. Lesosivivane sasihlezi ngokuphelele esenta yomhlaba, sikhomba, ukuthi akukho... Akukho—thunzi ngakuso, akunandaba ukuthi ilanga likuphi. Sasingenalo neze ithunzi ngakuso. Niyabo? Yi—yinto ephelele abayenzayo. Namathuluzi abo laliphambili kude kulawo esinawo manje.

¹¹⁴ NoNowa washumayela ngalowonyaka omkhulu wezihlakaniphi. NoJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa,” omunye unyaka omkhulu wezihlakaniphi. Niyabo?

¹¹⁵ Manje, khumbulani, uNowa wayenomlayezo ovela kuNkulunkulu, “Lalizona.” Awu, akukaze... Niyabo, izwe lalihlezi liqonde mpo ngaleyomihla. Niyabo? Babengakaze babe nemvula. Kodwa uNowa wathi, “Lizona.” Amanzi ayesemhlabeni, hhayi ezibhakabhakeni. Babengathatha ithuluzi futhi bafakazise ukuthi kwakungekho-manzi lapho. Kodwa uNowa wathi, “Kuzokwenzeka, noma kanjani.” Niyabo? Futhi lana. Leyo kwakuyindida, niyabo, into eyayingenakuchazwa. Kodwa uNkulunkulu wamazamisa umhlaba ngapha nangapha, esimweni nje ukuze line. Ngakho, niyabo, kwakuyindida kuNowa ukwenza lokho.

¹¹⁶ Futhi, kwakuyindida ngenkathi uIsrayeli ema ngakwelinye icala legquma, noGoliyati ngakwelinye icala legquma. Babenophosel’inselelo omkhulu laphaya. Wayengusosayense omkhulu. Wa—wayekwazi konke ukungena nokuphuma. Futhi uma isitha sicabanga ukuthi sikumpintshele odongeni, yingaleyonkathi esithanda ngaso ukukhonkotha kakhulu ukuedlula konke.

¹¹⁷ Ngiyakhumbula, ngaqala ukuqala ukuphumela kulenkonzolo, o, lowo melusi, uDavis, wathi kimi. Wathi, “Billy, wadlani ezweni ngalobobusuku ukudla kwakusihlwa na?” Niyabo? Akakuqondanga.

¹¹⁸ Ngahlanganisa iqembu labefundisi ndawonye nami. Bathi, “Yini indaba ngawe na? Ucabanga ukuthi lokho ku...”

Ngathi, “Anginandaba.”

¹¹⁹ “Ngosuku lwalonyaka wesayense esiphila kuwo, futhi uqonde ukungitshela ukuthi uNkulunkulu...”

¹²⁰ Ngathi, “Anginandaba ukuthi uthini. LowoMuntu, leyoNgelosi yeNkosi, ayikaze ingitshela noma yini eyiphutha.” Ngathi, “Uma Ingithumela phandle lapho, uzoba khona ozokulalela. Uma ibandla leBaptisti lingafuni, khona—ke nanti ikhadi lami lenhlanganyelo.” Yilokho kuphela. Ngangazi ukuthi uNkulunkulu washo njalo, nalokho kwakuxazulula. Kunjalo.

Wathi, “Ungeke ukwenze.”

¹²¹ Leso yileso siqhwaqa simi ngaleya, sithi, “Uma nizozwa ngapha, thumelani eyodwa yamadoda enu futhi ilwe nami, khona-ke asizukuba nokuchitheka kwegazi.” O, he, kulula kanjani! Bathanda kanjani ukukhonkotha uma benakho kanjalo. Sathi, “Dedelani eyodwa yamadoda enu amakhulu kunawo onke. . .” Kusobala, uSawulu wayekhanda namahlombe angaphezu kwempi yakhe, futhi wayazi kangcono kunokuphuma bese ehlangabezana nalowomfo ezinkundleni zakhe.

¹²² Wathi, “Manje, asizukubulala muntu. Sizovele nje sidedele—sidedele ababili bethu; omunye wethu afe. Nje umuntu oyedwa afe esikhundleni sazoneke izimpi lapha zifa.” Wayene—nephuzu lesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Futhi niyaqaphela wathi. . .

¹²³ NoIsrayeli washaywa ingozi yokufa. Abathandanga ukuhlangabezana nenselelo.

¹²⁴ Kodwa ngolunye usuku omncane, umfo omdala obomvana wenyuka, isiqephu sesikhumba semvu wazisonga ngaso emahlombe akhe, wagoba, izinwele zakhe ebusweni bakhe, wenyukela lapho ukuba alethele abafowabo amakhekhe ohlobo lwamagilebhisi omisiweyo, uyise ayemthume wona phezulu lapho igama lakhe lalinguDavide; omncinyane, umfo omdala ozacile emi ngapho.

¹²⁵ Kodwa, niyazi, kwakukade kukhona, izinsuku ezimbalwa ngaphambi kwalokho, umprofethi wayemgcobile.

¹²⁶ Babefuna ukukubeka phezu kwekhanda lomfowabo elikhulu ngokuthe xaxa, ngoba wayebukeka engcono, niyazi, lokho kubeka ukucangaba ku—kubantu azoma phambi kwabo. Ubukeka njengenkosi.

¹²⁷ O, yilokho izwe elisenakho, amehlo abo agcwele iHollywood. Abefanele ukugcwa uKristu. Niyabo? Yingalesosizathu kul’khuni kakhulu ukwedlulisela uhlelo kubantu, uMlayezo. Bafuna ukuba yiHollywood. IHollywood iyacwazimula. Awu, iyacwazimula. Manje, ngakhe. . .

¹²⁸ Ngi—ngingumhlwayi. Niyazi, igolide mbumbulu licwazimula ngokugqame kakhulu kunegolide langempela. Noma yini ebenyezelayo, yonke into ebenyezelayo ayisilo igolide. Empeleni, igolide alibenyezeli. Liyakhazimula.

¹²⁹ Futhi iHollywood icwazimula ngokubenzela, kanti iVangeli likhazimula ngokuzithoba. IHollywood icwazimula ngamabandla ayo amahle amakhulu, abayo abaphathelene nesayense nokusebenza kwenqondo, abefundisi abafundile abangakhuluma futhi basebenzise amabizo abo nezabizwana nayoyonke into kahle nje. Kanti, ngokuzithoba, iVangeli likaJesu Kristu likhazimula enkazimulweni kaNkulunkulu.

Lapho, abazi kakhulu ngaLo kunoma unogwaja ubengazi ngezichathulo zaseqhweni. Bavele nje...Kukude nje... Ngiyaxolisa ngalesosisho. Lena akusiyo indawo yalokho. Niyabo? Futhi, kodwa yilokho engi—ngizama ukukusho, niyazi. Aba, abaliqondi. Bacabanga ukuthi lifanele lipholishwe lonke kumfundaze. Na—nabantu bakithi bePentecostal uthola kanjalo. Abefundisi babo ufanele ahambe futhi abe neziqo ezingaka zesayense ephathelene nokusebenza kwenqondo, bazi nje ukuthi kushiwo kanjani ukuthi “amen” kahle nje. Kunjalo. O, kuyihlazo, bangani. Kuyihlazo phakathi kwethu.

¹³⁰ Manje, akusikho ukuthi ngiphambene nebandla. Ngiphambene naleyonqubo ethatha abantu abamesabayo uNkulunkulu futhi yenze lokho. Asidingi ukucwazimula. Asisoze sasisusa isitha emhlabathini wethu. O, asisoze seqa emhlabathini wesitha futhi sizame ukuba nokukahle nokubenezelayo, abagqoke kahle nokhololo babefundisi basesontweni, nakho konke, nekwaya yethu yonke igqoke izingubo ezinde noyoyonke into njengabo. Musa ukuya emhlabathini wabo. Asisoze saqhathanisa nabo.

¹³¹ Makuthi bona, uma belambile, beze ngakithi. SiyiVangeli eligcwele. Amen. Asihlale ngaleyondlela. “IVangeli alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nangokubonakaliswa kweZwi.” Yilokho umbhali akusho, “Amandla nokubonakaliswa.” Ngamany’amazwi, “IZwi, liqinisekisiwe, yiVangeli,” niyabo, uMarku 16.

¹³² Qaphelani manje, sithola ukuthi emihleni kaNowa, ukuthi, esashumayela, kwakul’khuni ukuba bakholwe into enjengaleyo. Ba...UNowa ekholwa yinto enjengaleyo. Kodwa ekugcineni indida yafika, futhi kwenzeka. Ngempela lana.

¹³³ Manje—ke emihleni kaDavide, siyathola ukuthi ngenkathi uSawulu esenhla lapho nayo yonke impi yakhe enkulu, nalo omncane umfo obukeka ebomvana enyukela lapho, futhi—futhi uletha amakhekhe athize kumfowabo, evela kuyise. Nalesisiqhwaga siyaphuma sase senza ukuqhosha kwaso kanye kwabaningi kakhulu. Kwakukhona umuntu kaNkulunkulu wangempela owakuzwa lokho kuqhosha. Futhi wajika, wathi, “Niqonde ukungitshela ukuthi nina, izimpi zikaNkulunkulu ophilayo, zizovumela lowomFilisti ongasokiwe, phandle lapho, ame bese enitshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlulile na?” Noma, awu, umgomo ofanayo, niyabo. “Nivumele lowososayense ongasokiwe anitshela, adelele izimpi zikaNkulunkulu ophilayo na?” Wathi, “Nginamahloni ngani, futhi nifanele ukuba amadoda aqeqeshiwe.” Wathi, “Ngizoyolwa naye.” O, ngiyasincoma isibindi sakhe. Wayekwazi akukholwayo.

¹³⁴ Ngakho, uSawulu wamenyusela lapho, wathi, “Ndodana, manje, ngiyasincoma isibindi sakho. Kodwa, khumbula,

awulutho kuphela intsha, uyabo, futhi yena uyisiqhwaga kusukela ebusheni bakhe. Uyabo? Futhi awazi lutho ngenkamba nezinto. Manje uzohlangana kanjani nalowomfo, uhlangabezane nenselelo yakhe na?"

¹³⁵ Wathi, "Sawulu, ngangeluse izimvu zenceku yakho, nebhere lase lingena lase lithatha eyodwa yazo. Lase libaleka nayo. Ngahamba ngase ngiyithatha ngayisusa kulo. Ingonyama iyangena yase ithatha eyodwa, ngase ngiphuma ngiyixosha. Ngathatha indwayimane ngase ngiyishaya ngiyilahla phansi. Ngenkathi ivuka, ngayibulala." Wathi, "INKosi uNkulunkulu enginika ukunqoba phezu kwengonyama nebhere, Iyonginika kakhulu kangakanani ke ukunqoba phezu kwalomFilisti ongasokile na?"

¹³⁶ Niyazi, ngicabanga ngalokho uma nginikhulekela. Niyabo? Niyabo, ingonyama ebizwa ngo "mdlavuzwa" iyangena yase ithatha enye yezimvu zakhe. Anginamuthi. Anginamijovo. Angazi ukuthi iyiphi iradiyamu okusansimbi. Angazi lutho ngamasayense ezenkolo nalezizinto ezenziwe ngumuntu. Kodwa ngiyazi ukuthi iyini leNdwayimane encane. Ngiza la emvakweni manje. Ngifuna ukunibuyisa. Yizimvu zikaBaba wami. Ngesinye isikhathi ngidingeka nginithethise, ngiqophisane nani, kodwa kungoba ngiyamithanda. Njalo, njalo, njalo kukhumbuleni lokhu engqondweni, ukuthi uthando luyaqondisa.

¹³⁷ Uma umfana wakho ehlezi phandle lapha emgwaqeni, futhi wena uthi, "Junior, s'thandwa, ubungafanele uhlale lapho. Kodwa ayibusiswe inhliziyo yakho encane, uma ufuna..." Lowo akusuye umama wangempela noma ubabayi. Uyohamba umlande bese umphendula ingalo yakhe, bese umnikeza umfutho omncane wesiqalo sakho konke okuphilayo kwezinqe uyo—uyomlungisa kahle nje aqonde, niyabo, uma umngenisa. Kodwa awuzukuhlala phansi lapho, uthi, "Manje, Junior, s'thandwa," nxa wazi ukuthi umfo omncane angathola ukulimala. Uyamthanda.

Yingaleso sizathu ngiqophisana. Akusikho ukuzama ukulimaza inhlango ethize. Kungukuthi, ngimphaphamise, "Lelo yiQiniso."

¹³⁸ Ngakho siyathola ukuthi uDavide wathi... USawule wathi, "Awu, ngizokutshela, uma uzolwa naye..." Wamembathisa izikhali zakhe. Ha! Sengathi ngiyambona uDavide omncane, mhlampe cishe engamafidi amahlanu ubude. Namahlombe aqhothile; nalemigxusho yamahlombe iphume *kanje*, nalensimbi. USawule wafumana...

¹³⁹ Wathi, "Ikhumule lento kimi." Wathi, "Angikaze ngikulinge lokhu. Angazi lutho ngamasayense akho aphilathelene nezinkambo ezilungileyo nokwakho... zonke izindlela zakho zokuziphatha epulpiti nezinto ofanele ube nazo." Niyabo? Wathola ukuthi ivesti yakhe yobufundisi ayizange imenele

umuntu kaNkulunkulu. Ngakho wathi, “Ikhumule into kimi. Angazi lutho ngayo.” Wathi, “Mangihambe nalokho engaziyo ukuthi kuyiQiniso, lapho uNkulunkulu engibusise khona.” Kunjalo.

¹⁴⁰ Mangihambe neZwi, hhayi nolunye uhlelo lwezemfundo, noma into ethize omunye umuntu ayigwegwise khona ndawondawo. Ngiyazi iZwi likaNkulunkulu alisoze lehluleka. Izwi lamany’amadoda liyohluleka. NoNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena. Wathi, “Asihambe kunjalo. AsiLikholwe.”

¹⁴¹ Udokotela, akungabazeki, uninike ukuhlolwa okwedlula konke anganinika khona, futhi wanisiza ngandlela zonke anganisiza ngazo. Kodwa yilokho okwedlula konke akwaziyo. Thina sazi into ehlukile. Lapho onke amathemba lingasekho, khona-ke Nguye ofika azosisiza.

¹⁴² Siyakubona lokhu, manje-ke, uDavide, hhayi ngomnsalo nomcibisholo. Hhayi nge... Isizathu, wawungeke usishayendawo isiqhwaga. Wayenendawo eyodwa nje ngokuvundla emehlweni aso.

¹⁴³ Cabangani nje, umkhonto waso—waso—waso omkhulu esasinawo, ngani, wawungasinda mhlampe amaphawodi angamakhulu amane. Iminwe yaso wawungama intshi ayishumi nane ubude. Futhi cabangani nje ngesigqoko sesivikelo sasiphezulu phezu kwekhanda laso, nasosonke isivikelo sesifuba saso.

¹⁴⁴ Futhi uDavide wayenedwala elincanyana. Yilokho kuphela ayenakho. Wayenamanye amane esihlilingini sakhe. Niyazi ukuthi lawomadwala amahlanu ayechazani na? U k-h-o-l-o ku u-J-e-s-u. Okwakwenzayo. Niyabo? Wayenokukholwa, niyabo, ukukholwa, umusa. Wayengumusa kaNkulunkulu. Wayesehamba-ke ukuyodibana nesiqhwaga. Wayenendawo eyodwa kuphela, noNkulunkulu waliqondisa lelodwala.

¹⁴⁵ Futhi ngenkathi ebulala leso siqhwaga, ukukhombisa ukuthi kwakungenziwa, khona-ke zonke izimpi zadumela izinkemba zazo zasuka zahamba. Zalwa nabo kwaze kwayofika phansi ekugcineni.

¹⁴⁶ Manje, eminyakeni embalwa edlule, bathi yayingekho into okuthiwa ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Kodwa ngenkathi sithatha izinyathelo siphuma ukufakazisa ukuthi yayikhona, khona-ke umlilo wokheleka ebandleni lePentecostal, futhi saba nemvuselelo yeminyaka eyishumi nanhlanu. Mfowethu, labobagxeki ababefuna ukunikela ngamadola ayinkulungwane nganoma yibuphi ubufakazi, a—asebethule manje, ngoba sekufakazisiwe. Izitatimende zodokotela nayo yonke into; umdlavuza, izimpumpethe, abangezwa, izithulu; ngisho nakubo osefile, uvusiwe. Ngoba, wemukela ukukholwa nje, ngokubona into eyodwa yenziwa. UNkulunkulu nguye. Yonke into

yesekeleke phezu kwalokho. Kholwani yilolonke iZwi Alisho; ngokuphiliswa. Ngiyakholelwa oHlwithweni. Ngiyakholelwa kukho konke Akusho, kuzokwenzeka. Kwabangela indida, into eyayingesiyo eyesayense, kodwa yenzeka, noma kanjani. Kwakuyindida.

¹⁴⁷ Manje, umcabango wami olandelayo bekunguSamsoni, ngomhlathi wakhe womnyuzi. Impela, impela kuxakile, ukubona lomfo, uSamsoni. Inqwaba yabantu izama ukucabanga ukuthi wa—wayeyi...Ngibone ukuphazamiseka kokusebenza kwengqondo, noma isithombe sikaSamsoni namahlombe emakhulu njengomnyango wesibuya. Awu, manje, lokho beku—kungebe yinto exakile, ukubona leyondoda icosha ingonyama futhi iyidabula iyehlukanisa. Kodwa uSamsoni wayengomncanyana impela, isigqunswana esinekhanda elinezinwele ezisongene, njengoba singambiza; umfo omncane omdadlala, umfanyana kamama, izinwele ezisongene ezinde zilenga emhlane wakhe. Futhi uma ubona... .

¹⁴⁸ Manje, khumbulani, ngenkathi ingonyama iphuma igijima, ukuba imbhonge, qaphelani ukuthi kwenzekani. Niyabo? Kwenzekani na? UMoya weNkosi wafika phezu kwakhe. Yilokho okwenza umehluko. Yingalesosizathu babengambopha ngesikhathi esisodwa ngenkathi uMoya weNkosi ungafikanga kuye; isibonakaliso sakhe sobuNaziri sasingekho lapho. Kodwa inqobo nje uma engasizwa lesosibonakaliso sobuNaziri, akuze noma yini eyayifuna ukuza.

¹⁴⁹ Futhi kungaleyondlela ngani maPentecostal. Uma nifika kuleyongxenywe yesayense ephathelene nenkambo elungileyo, uma nifika kuleyondawana lapho enifuna ukulalela esivumweni kholo nokunye nokunye kanjalo, angazi lutho ngani ke. Kodwa uma nje uzobuyela kulesisibonakaliso sobuNaziri, uMoya oNgewe usebenza kuwe, yonke into ikahle ke. Ningesabi lutho. Inqobo nje uma uMoya oNgewele ulapho ukukhomba leloZwi, mabasho abafuna ukukusho. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu usayenza indida.

¹⁵⁰ Futhi siyathola ukuthi uSamsoni, cabanga ngalokho, ngomhlathi omdala womnyuzi osumaboqoboqo, owawukade ulele phandle kuleyonkangala lapho iminyaka eminingi. Futhi noma ubani uyazi ukuthi wawungawushaya edwaleni, wawungabhiza ube yizicucu. Ne...“Samsoni, amaFilisti uphezu kwakho.” Wayeseqalaza. Wayengenalutho esandleni sakhe. Futhi lapha kwakukhona amaFilisti ayinkulungwane emi lapho. Ngakho wavele wagoba nje, wacoshala lomhlathi omdala.

¹⁵¹ Futhi ucabanga ngalezozigqoko zezivikelo, ngezinye izikhathi sasiba wugqinsi oluyi intshi nohhafu, ngaphezu kwamakhanda abo. Futhi wathatha lowomhlathi womnyuzi futhi washaya walahla phansi amaFilisti ayinkulungwane. Mm! Wona enamathela emadalweni, becasha; wathi, “Niyakufuna

okunye kwakho na? Yehlani.” Kwakuyindida. Kodwa uMoya weNkosi wawuphezu kwakhe. Yilokho okwenza umehluko. Kwakuyindida ukubona indoda namadoda ahlome ngempela, amadoda aqeqeshelwe ukulwa, nemikhonto emide, nemimmese nokunye nokunye, izigqoko eziyizivikelo nezikhali, nalendoda eyodwa imi yodwa phandle enkundleni nomhlathi womnyuzi, futhi ishaya ilahla phansi inkulungwane yawo. Kodwa kuyiqiniso. IBhayibheli lathi kwakuyiyo.

¹⁵² Indoda eyayikwazi ukuthatha amasango aseGaza, ayesinda phansi lapho cishe amathani ayisishiyagalombili lilinye, amasango amakhulu ethusi. Futhi bambiyelela phakathi, ngobunye ubusuku. Bathi, “Sizomthola.” Bathi, “Sizozikama zonke izinwele phakathi lapha size simthole, futhi sizomthola.” Kodwa lesisigqunswana esincane siphuma cishe phakathi nobusuku, sabuka phandle lapho, namasango lalisendleleni yakhe. Ngakho wavele wawaqukula nje wayesewabeka emahlombe akhe, wenyukela esiqongweni segquma wayesehlala phansi phezu kwawo. Kwakuyindida.

¹⁵³ Ngeke umbiyilele uNkulunkulu phakathi. Ungeke uMbophele ndawo. UnguNkulunkulu. Impela. Ukunqoba okuningi okukhulu akunqoba! USamsoni, uNkulunkulu wamsebenzisa futhi wenza indida. Wayesebenzisa noma ubani, inqobo nje uma uzothatha iZwi laKhe, uma ugcotshelwe Isizathu. Uma ungenjalo, awu, khona-ke hlala nalabo nje... Lalela uMlayezo ke.

Manje sizosheshisa. Ngiyabona nginemizuzu ecishe ibe ishumi esele.

Ukuzala kwentombi kwakuyindida.

¹⁵⁴ [Omunye uthi, “Unaso kuze kugamanxe eleshumi.”—Umhl.] Kugamanxe eleshumi. Ngizozama ukungasithathi sonke leso. Nibe yizethameli ezinhle kakhulu, ndawo zonke. Futhi ngi—ngi—ngiyazi ngifanele ngime lapha futhi ngenze inkulumo kulaba oSomaBhizinisi, futhi kanjalonjalo, kodwa a—angeke ngenze izinkulumo. Angazi noma yini ngakho.

¹⁵⁵ Kuphela, ngiyakhumbula lapha kungekudala, uBilly, ngaphambi nje kokuphenduka kwakhe, wayenami. Futhi wathi, “Babayi.” Sasisendaweni, sidla. Kwakuneculo elaliqhubeka, niyazi, kanjalo. Wathi, “Akusilo iculo elihle lelo na?”

Futhi ngathi, “Liphi iculo na?”

¹⁵⁶ Futhi wathi, “Babayi, uyazi kunento eyodwa kuphela ngawe eyiphutha na?”

Futhi ngathi, “Yini leyo, Billy na?”

Wathi, “Into kuphela ocabanga ngayo uKristu. Yilokho kuphela.”

157 Ngathi, “Lokho ukutusa, ndodana.” Yebo, mnumzane. Wayecabanga ukuthi wayezongithola, niyabo. Kodwa, lokho, lokho yi. . . Lokho kwakwenza. Yilokho.

158 Ngi—ngi—ngiyaMazi nje. Yilokho kuphela engikufunayo. “Futhi ukumazi Yena kungukuPhila.” Ukwazi lezi ezinye izinto angazi ngazo, kungahle—kungahle kukhombe njengendoda esmati. Futhi angifuni ukuba yindoda esmati; ngifuna ukuMazi nje. “NgiyaMazi,” njengoba uPawulu athi, “Emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi uma Ebiza ngiyophuma phakathi kwabafileyo.” Yilokho kuphela. Yilokho kuphela. Futhi ngifuna Yena. Ngifuna Yena. Ngifuna igama lami libe sendaweni efanele.

159 Manje, kwakuyindida ngenkathi uNkulunkulu ebangela ukuba owesifazane akhulelwe. Kwakuyindida ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjani, oPhakade ogcwalisa sonke isikhathi nePhakade, ehle, abe yiNgane eyodwa encane ekhalayo emkhombeni. Leyo kwakuyindida.

160 Kwakuyindida ngenkathi Efa esiphambanweni. Leyo kwakuyindida, ukucabanga ukuthi uNkulunkulu uyoba ngumuntu, ukuze Afe njengomuntu, ukuhlenga okudaliweyo kwaKhe uqobo. Wayefanele akwenze lokho. Akekho omunye. Uma lowo kwakuyinoma yimuphi omunye ngaphandle kukaNkulunkulu, niyabo, uma lowo kwakuyinoma yimuphi omunye ngaphandle kukaNkulunkulu, silahlekile.

161 Isibonelo nje, ukuba—ke benginamandla esikhundla phezu kwenu njengoba uNkulunkulu wayenawo phezu kwayoyonke into, futhi bengiyothi, “Awu, ngizonitshela ukuthi ini, noma ubani obuka *lokho* kukhanya uzofa, njengokuthatha isihlahla?” Futhi into yokuqala niyazi, lomfowethu ehlezi *lapha*, lokhu bekuzobuka kulokho. Ngiyamdabukela. A—angifuni afe. Ngakho ngizoba noTerry lapha, uku. . . Lokho bekungeke kube kuhle. Qhabo. Awu, uma bengingaba nendodana yami uqobo kuba ikwenze? Lokho bekungeke kube kuhle. Yinye kuphela indlela engingalunga ngayo, futhi lokho ukuthatha indawo yakhe.

162 Futhi uNkulunkulu wayengeke athathe indawo yomuntu, lokhu EnguMoya. Ngakho uNkulunkulu wadala inhlayiya yeGazi, okwakuyiNdodana yaKhe uqobo, uJesu Kristu. NoNkulunkulu wangena futhi wahlala phakathi lapho, futhi wahlala, wazikhomba Yena uqobo kuKristu. Lowo kwakunguNkulunkulu, uEmanuweli. UJesu wathi, “Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi.” Niyabo? “UNkulunkulu kuKristu, ebuyisa izwe.” UJesu wayengumzimba, itabernakele, uNkulunkulu wayenguMoya owawuhlala kuYe.

163 Manje, isibonelo nje, sinoMoya ngenxenye. WayenaWo ngaphandle kwesilinganiso. Wayengukugcwala

kobuNkulunkulu ngokomzimba, uNkulunkulu. Kodwa sinaWo ngesilinganiso.

¹⁶⁴ Manje, isibonelo nje, njengesiphiwo esincane esinaso phakathi kwethu manje. Manje, lokho kunjengokukha isipunu samanzi agcwele olwandlekazini. UJesu wayenguLwandlekazi lonke, kodwa lokhu nje isipunu esigcwele. Kodwa khumbula, amakhemikhali afanayo elisolwandlekazini lonke likulesi sipunu esigcwele; kuphela kunokuningi kwalo phandle lapho. Niyabo?

¹⁶⁵ WayenguNkulunkulu. Asisuye uNkulunkulu. Asisuye uNkulunkulu. Kodwa, ndawonye...Uma uqaphela, kuhle kakhulu, kufanekisiwe. Ngenkathi leyoNsika yoMlilo enkulu eyalandela abantwana bakwaIsrayeli ehlane, Yabonakala kuPawulu oNgcwele. Ngenkathi Yehla ngoSuku lwePhentekoste, Yaqhuma, nezilimi zoMlilo zahlala phezu kwabo ngamunye. KwakunguNkulunkulu kuleNsika yoMlilo, iZwi-mcabango, ezehlukana Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe, ekhombisa ukuthi uKristu noMlobokazi, niyabo, uNkulunkulu nebandla laKhe, baba munye. Ngani, kuyinto nje enhle kakhulu owake wayibona. Khona-ke, ndawonye, mfowethu; hhayi ezinhlanganweni ezehlukene, asisoze sama.

NgingumKentucky. “Simi ndawonye, futhi uma sehlukana siyokuwa.”

¹⁶⁶ Alahlekelelwani yilelizwe amaNdiya laya kubantu abamhlophe na? Yingoba aye—ayehlukene phakathi odwa.

¹⁶⁷ Sizolahlekelwa kanjani yilomncintiswano omkhulu na? Yingoba sehlukene phakathi. Sizokwenza kanjani na? Sifanele sihlale ndawonye. Sonke singamakholwa kuNkulunkulu. UMoya oNgcwele usingenisa phakathi sonke. Kuyoba yindida uma uNkulunkulu eke wasihlanganisa ndawonye, kodwa Uyokwenza. Methembeni nje. Ukuzala kwentombi...Uyazi ukuthi kuthunyelwa kanjani ukuhlushwa okuyosigijimisa ndawonye. Manje, ukuzala kwentombi kwaku... .

¹⁶⁸ Manje, iPhentekoste yayiyindida, ukuthi uNkulunkulu wasikhetha kanjani isigejane sabadobi abangafundile ababengabazi ngisho o ABC babo—babo. Kuyashiwo lapho uPetru wayengakwazi ngisho ukusayina igama lakhe uqobo. IBhayibheli lasho ukuthi yena noJohane, iZenzo 4, wayengazi lutho futhi engafundile, kodwa nokho baqashelwa ukuthi kade benoJesu. Leyo yinto enkulu. Futhi ukuthi uNkulunkulu wakhetha kanjani... .

¹⁶⁹ Manje, i—ibandla laliqueqeshe isigejane samadoda salokho, izinkulungwane zabahle, abapristi abahlakaniphile ababelazi leloZwi, bathi, kuzozonke izincazo zalo, nayoyonke into, babelitadisha imini nobusuku, babanakho nje ehliziyweni yabo, futhi behluleka ukuLibona. NoNkulunkulu wakhetha isigejane samadoda ayengakwazi ngisho lapho ukuthi lisayinwa

kanjani igama lawo. Lokho kwakuyindida. Ekuthatheni indoda eyayiqeqeshelwe iZwi, futhi ngeZwi; nokuthatha indoda eyayingazi lutho ngeZwi, nokuqinisekisa iZwi ngayo. Lokho kwakuyindida, impela kwakuyiyo.

¹⁷⁰ Kwakuyindida, ukuthi kanjani bona abantu phezulu kulelokamelo eliphezulu lapho, besaba amaJuda, futhi babehambe noJesu, kodwa ngenkathi uMoya oNgcwele ufika, babengasesabi nhlobo. Baphumela emgwaqeni bahamba, bememeza kakhulu, futhi bewa, futhi benzisa okwesigejane sabantu abadakiwe. Lokho kwakuyindida. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo, abesifazane nabobonke. Babengenamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu. Impela kwakuyindida.

¹⁷¹ Imibono yabaprofethi abadala wawuyindida. Angeke siwuchaze umbono. Uzowuchaza kanjani umbono na? Yinto ethize eyenzeka kumuntu, ukuthi ubona izinto zingakenzeki eminyakeni ezayo. Kwenzeka impela ngqo echashazeni. Lokho ngeke kwachazwa. Akukho ndlela yeseyanse ukukwenza.

¹⁷² Lapha esikhathini esithize esedlule, e—ekuqophisaneni nodokotela, ngenkathi ngangisemhlanganweni eKiwani. Wathi, “Mnu. Branham, angifuni. . . Ngi—ngiyathanda ukukuzwa ukhuluma,” wathi, “kodwa—kodwa, ngiyakutshela,” wathi, “A—angeke ngikhohle noma yini kodwa okufakaziswe ngokwesayense.”

Ngathi, “Uzisho ukuthi ungumKristu na?”

Wathi, “Yebo. Okunye okwaKho kuyadida kimi.”

Ngathi, “Khona—ke ungebe nguye. Ufanele ukukholwe konke okwako. Niyabo?”

Wathi, “Nge—ngeke ngakukholwa ukuzala kwentombi.”

¹⁷³ Futhi ngathi, “Awu, ngingakukholwa—ngingakukholwa ukuzala kwentombi kangcono kunoma ngingakholwa ukuzala kwemvelo.” Impela ngingakukholwa.

¹⁷⁴ Kanjani, uma ubungake uze ukubone ukuzala kwemvelo, ukuthi kanjani lesosidoda esiphuma kowesilisa, nowesifazane. Futhi kukuphi. . . Ubani onqumayo ukuthi kuyoba yini na? Nasi isidoda esiphuma kowesilisa, no—nombala obomvu, igazi kuso. Futhi nangu owesifazane, okuyiqanda, enhla lapha. Manje, okokuqala okubili okuhlanganayo, imbewana iyahuquzela iyongena eqandeni, futhi zonke ezinye ziyafa. Futhi kunezinkulungwane ezingamashumi eziphindwe kazinkulungwane zalezozimbewana.

Futhi uthi, “Awu, eyokuqala ephambili.” Qhabo, qhabo. Ziyama.

¹⁷⁵ Futhi mhlawumbe kuzoba yimbewana eyenyukayo kusukela phakathi nendawo yezimbewana, neqanda livela emuva le ekugcineni impela, futhi ayovundla elinye kwelinye futhi

ahlangane. Kuyanqunyelwa noma Kuzoba ngumfana noma intombazane, noma izoba nekhanda elibomvu noma elimnyama, ukuthi kuyoba ngumuntu onjani. Okuthize, okungaziwa esayensini, kuyakunquma. Lokho akusiyo indida, kuyini na? Kusuka endaweni kuye endaweni kuyindlela esondele kakhulu ngokuzungeza, si—siyaqonda, kodwa hhayi ngalesosikhathi. UNkulunkulu uyakunqumela. Ngani, ukuzala kwemvelo, uma besinesikhathi ukukuhlaziya, ngisho nakwisayense ephathelene nezithako zemvelo yegazi nokunye nokunye, futhi sikukhiphe sikufakazise lokho, he, kuyimfihlakalo enkulu. Ukuthi si—sikuthatha kanjani ngokwejwayelekile!

¹⁷⁶ Futhi leyo yinkathazo, thina maPentecostal, sithatha uNkulunkulu ngokwejwayelekile kakhulu. Into yonke, siyakudedela nje kwedlule. Ningakwenzi lokho. Lokho akulungile. Ningakwenzi lokho. Kubukeni futhi nidumise uNkulunkulu ngakho. Yonke into encane eyenzekayo, nikani uNkulunkulu udumo. Yilokho Akukhombisayo, niyakuthokozela. Uma ke omunye umuntu elokho ekwenzela izinto, awubabongi ngisho, noma lutho, niyabo? Khona—ke, emva kwesikhashana, bayakhathala ukwenza lokho. Niyabo? Ngakho, manje, uNkulunkulu uyokhathala naye. Manje, khumbulani, Angamvusele uAbrahama abantwana ematsheni.

¹⁷⁷ Manje, yona imibono yabaprofethi abadala impela yayiyindida. Ngeke sayichaza. Ayinakuchazwa, ukuchaza, kodwa yonke yenzeka nje ngendlela abayisho.

¹⁷⁸ Lalelani. Khona manje, phakathi kwethu, uJesu Kristu ulapha. Lokho yindida, ukuthi Usaphila emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Ubani ongakuchaza lokho na? Kanjani ukuthi Yena, lowoMoya, ongabonwa, ungafika phakathi kwethu, futhi uthathe umuntu ngayedwa, futhi azikhombe Yena uqobo impela, azifanise Yena uqobo kumuntu ngayedwa; njengawe, njengekholwa, nasesiphiweni. Lokho yindida. Akukho muntu ongakuqonda lokho. Akukho muntu ongakwazi. Angasho kanjani ngokuphelele nje kumuntu oyedwa, kuyini, futhi yini *lena*, futhi kukuphi *lokhu*, futhi kuyini *lokho*, futhi kungabi naphuthaneze. Ngoba, UnguNkulunkulu. Angeke enze iphutha. Lokho yindida.

¹⁷⁹ Kukanjani manje na? Njengoba ngingena izolo ebusuku, futhi ngizwa umfowethu, imenenja yami yasensimini lapha, uMnu. Borders, ekhuluma (nje nginenxenye yokugcina yakho), ngo George J. Lacy ethatha isithombe saleyoNgelosi yeNkosi. Kuhloleni. Uma leyo kungesiyo iNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwa Israyeli! Niyabo? Wazi kanjani na? Inemvelo efanayo.

¹⁸⁰ Ngenkathi uJesu esemhlabeni, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.” Futhi siyazi ukuthi Wayengu NGINGUYE. Futhi uNGINGUYE

wayeyileloZwi-mcabango, leyoNsika yoMlilo. Futhi ke ngenkathi Ebuyela kuNkulunkulu, futhi enyukela phezulu kokuphakeme, uSawulu waseTarsu wayesendleni yakhe ezansi eya eDamaseku, ngelinye ilanga, futhi lokho kuKhanya okufanayo kwawela phakathi phambi kwakhe, futhi kwamphuphuthekisa.

¹⁸¹ Manje, bukani, kungenzeka ukuthi oyedwa angaKubona, futhi omunye angeke. Amashumi ezinkulungwane aKubonile. Ngenkathi ngangivamise ukuxoxa ngaKho, bathi, “O, leyo yisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo. Uyakucabangela nje Lokho. Bona abantu, bengaphansi nje kakhulu kwamadlingozi.”

¹⁸² Kodwa ngenkathi uGeorge J. Lacy ethatha lesosithombe, wathi kimi ngalolosuku, ngale e—eHouston lapho, e—endlini, phambi kwayo yonke leyo i *Times*, *Life*, ne*Collier's*, nawo onke lapho, amaphephabhuku. Wathi, “Mnu. Branham, ngingomunye wabagxeki bakho, nami.” Wathi, “Kodwa ngifuna ukukutshela. Ngathi kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, kodwa” wathi, “iso lomshini lalekhamera angeke layithatha isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo.” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “. . .umenzi wencwadi yefa ufile.” Niyabo? Wathi, “Kodwa ngelinye ilanga emva kokuba usuhambile, kuyoba sezitolo zezinto zikasheleni.” Wathi, “Ngisendaweni yokwazi ukuthi akukaze kube nesiDalwa esingaphezu kwemvelo esike safakaziswa ngokwesayense. Kodwa,” wathi, “Lokhu kufakazelwe ngokwesayense. UkuKhanya kwashaya ingilazi edonsa ukukhanya.” Khona—ke, uyabo, ubufakazi engibunikezile kusukela ngingumfanyana omncane, ukuthi ngikubonile lokho kuKhanya phambi kwami njalo. Futhi niyazi, niyazifunda izincwadi futhi nibonile izinkulumo—mbiko eziyimibhalo ewubufakazi. Niyabo? Yiqiniso. Angikho lapha ukunikhohlisa.

¹⁸³ Nginonkosikazi. Nginomfana omncane, wangibiza ngobunye ubusuku, ocingweni, ekhala, “Babayi, woza ekhaya.” Ukuthi uyokhala kanjani futhi eqhubeka, uma engibona ngihamba, ngoba ziningi kakhulu izingozi emabhanoyini, nezinto kanjalo. Amantombazane ami amancane nawo, ngani, angamantombazane kababayi. Niyabo?

¹⁸⁴ Ngithola inkokhelo ebandleni lami. Angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Angibaceli abantu. Uma abantu enginika imali, ngiyifaka ezimishini zakwamanye amazwe. Niyabo? Abanye babaphatheli bami bahlezi bakhona khona manje, uyazi ukuthi lokho yiqiniso. Angisebenzisi nelilodwa isenti lawo. Ngithatha iVangeli, qobo lwami. Ngithola okwanele okwakhiwe phakathi lapho, ngikuthathe, phesheya kwezilwandle, futhi ngishumayele kubantu. Ukuthi, ukuthi wena—ukuthi wena—wena. . . Uyabaxhasa. Abanawo upeni

owodwa wemali. Futhi ke uma ngiwelela lapho, khona-ke ngiwelela lapho futhi ngishumayele iVangeli phesheya lapho. Indlela isivele ikhokhiwe yinina maMelikana. Nakha ikhaya lenu; anazi lutho ngakho, kodwa, ngaloloSuku, niyoqonda. Niyabo? Yinina enenza lokho. Ngithola amadola ayikhulu ngeviki ebandleni lami, futhi kunjalo.

¹⁸⁵ Anginazizathu zokuba phandle lapha, ayikho enye indlela. Kodwa yi—yinto ethize kimi. Angeke ngikuqalekise noma ngikubusise. Kunguku, khona, kungukugquma komthambo. Ku—kungiyisa kukho. Ucabanga ukuthi kulula, ngime lapha futhi ngikhulume ngimelane nezinhlangano, futhi ngibone lababafowethu behlezi lapha, abafowethu abalule izintamo zabo ngqo, ukuba bangilethe lapha na?

¹⁸⁶ Ngisho oSomaBhizinisi bethu abangamaKristu, abazalwane, ngenkathi ngangifanele ngitshele uDemos ngo, ISHO KANJE INKOSI, kwakuzokwenzekani kuleyonhlangano. Ekwenzile, emavikini ambalwa edlule, ngoMfowethu Ford nabo. Ngabatshela, eminyakeni emibili edlule, ukubhekisisa ukuthi kuyokwenzekani. Niyabo? Uyakungenisa kuwe, nizokwenza inhlangano. Ngenkathi kukwenza, khona-ke sengedlule kukho, lowo mzuzu. Kube yindawo enamanzi ogwadule, ngoba abantu, abefundisi, bayongena, ngoba lokho ukulekelela kwabo. Niyabo? Futhi ke ngithola ukuletha uMlayezo futhi ngitshale iMbewu, yonke into engingayenza.

¹⁸⁷ Akusikho ngoba ngifuna ukwehluka. Uma ngingaleyondlela, khona-ke ngingumzenzisi. Khona-ke, uNkulunkulu akasoze asebenze lezozinto ngomzenzisi. UNkulunkulu ekhomba umzenzisi na? Futhi makube kude noNkulunkulu.

¹⁸⁸ Kufanele kube yiQiniso. Kodwa uma nje singake sizinyakazise umzuzu futhi siqonde. Ningacabangi ukuthi ngomunye umuntu. Omunye umuntu akanalutho. . . omunye. . . UNkulunkulu uzofanele akhethe muntu othize.

¹⁸⁹ Manje, nina bosomlando lapha, uNkulunkulu sewake wayisebenzisa inhlangano na? [Abaningana bathi, “Qhabo.”—Umhl.] Akakaze. Manje ngifuna ukunibuza okunye okuthize. Ngenkathi umuntu evuke nomlayezo, futhi leyonhlangano ihlele inhlangano emva kwalowo mlayezo, yayifa khona lapho. Futhi uNkulunkulu uyibeka eshalofini, futhi ayizange nhlobo ize ekuphileni. [“Kunjalo.”] Manje buzani nje, zibuze lowombuzo. Manje, niyabo, manje lokho akusikho ukukhuluma ngokumelene. . .

¹⁹⁰ Manje, kunamaKatolika. Bonke abantu bakithi bayiKatolika. NgingumIrishi. Futhi bonke abantu bakithi ngabamaIrishi-Katolika, futhi bangabantu abakahle. Futhi angimelene nabantu abangamaKatolika. Yinqubo! Angimelene namaMethodisti. Angimelene namaPentecostal. Yileyonqubo esivimbelayo isikhiphe. “Siyi lokho,” niyabo, nisebenzela

ukuzuzwa ngempumelelo okukodwa lapha. Futhi sizama ukuveza uNkulunkulu, iBhayibheli. Futhi sebevele banayo imibhalo yabo edwetshiwe, isimo sabo—sabo senkolo, abakukholwayo; futhi ngaphandle kwalokho, ungeke wakunqamula.

¹⁹¹ Futhi nicabanga ukuthi kuyinto elula kimi ukuma lapha futhi ngisho lokho kuba fowethu abangithandayo na? Nicabanga ukuthi kulula kimi ukuniklabalasela bodadewethu, nezinwele ezimfishane na? Nicabanga ukuthi kulula kimi ukuniklabalasela besilisa, ngokuvumela abesifazane benu babenezinwele ezimfishane nezinto kanjalo; lapho labo abesifazane befaka imali, ukungixhasa, isithunywa senkolo, phesheya kwezilwandle na? Uma kwakungekho mali engena ebandleni, benginga... abantwana bami bebengeke baphile. Nomuntu okahle kuwe futhi abe nomusa kuwe, nicabanga ukuthi kuyinto elula kimi ukuma lapho, uma ngibathanda abantu na?

¹⁹² Ngenkathi ngisengumfana omncane, ubaba wami engugweva, ngangizondwa. Noma ubani... Ngehla ezansi nedolobha, ngiqala ukukhuluma nomunye umuntu, akukho muntu owayezihlanganisa nami. Bona, babebona omunye umuntu othize eza, ababengakhuluma naye, babesuka bangishiye. Futhi nga—ngangihlala njalo ngibathanda abantu.

¹⁹³ Ngenkathi ngisengumfana omncane ngangihlala phakathi, ekufundeni incwadi yomlando wami—wami—wami. Ngangifunda ngelinye ilanga, futhi ngibonile lapho uAbraham Lincoln ehla khona esitimeleni ezansi lapha eNew Orleans. Futhi kwakukhona ukudayisa isigqila esikhulu esiyikhiladi ezansi lapho, no—nokusizalanisa ngale nabesifazane abakhulu ngokuthe xaxa, ukwenza izigqila ezingcono. UAbraham Lincoln wakhumula isigqoko sakhe, futhi wasonta inqindi yakhe. WayengumKentucky, naye. Wathi, “Lokho kuyiphutha. Lokho kuyiphutha.” Ngisasho futhi kuyiphutha. UNkulunkulu wenza umuntu. Umuntu wenze izigqila.

¹⁹⁴ UNkulunkulu usenza umbala wethu, njengoba nje Enza ezimbalini. Unembali emhlophe, imbali el’hlaza sibhakabhaka, imbali ebomvu. Ziyekele zinjalo. Ungayibhastelisi. Ziyekele zinjalo. Ziyekele ngendlela eziyiyo. Zonke ziyizimbali zikaNkulunkulu. Kungumqulu wezimbali zaKhe. UNkulunkulu wenza umuntu, futhi umuntu wenze izigqila. Asidingi ukuba yizigqila.

¹⁹⁵ Njengoba ngasho, loMartin Luther King uhola abantu bakhe ekubethelweni. Kungokobukhomanisi. Impela, kuyibo. Uma labobantu babeyizigqila, khona—ke bengiyoba sezansi lapha ngibalwela. Kunjalo. Kodwa abasizo izigqila. Kungukuphikisana, lapho beya esikoleni noma qha. Asizokukhuluma ngalokho. Ngicabange nje ukuthi ngizokuzwakalisa. Niyabo? Kulungile. Qaphelani. NguDeveli nje. Impela.

¹⁹⁶ Sonke siyizidalwa ezingabantu. Sonke sivela kuNkulunkulu. UNkulunkulu ngegazi elilodwa wenza zonke izizwe. Indoda eyikhaladi ingangithekelisa ngegazi. Igazi layo lifana nelami nje. Elami li, ngingamnika elilodwa. Ngingubani ukuphikisa na? Ingumfowethu.

¹⁹⁷ Kodwa angikholelwa ekuganweni, ukuganana kanjalo. Angikholelwa komhlophe. . . Kuna—kunamsebenzi muni ukuba enhle, esencane, intombazane eyikhaladi ekhaliphile ifuna ukugana indoda emhlophe, futhi babenezingane zomhlophe nomnyama na? Ibingaba kanjani ekahle, intombazane ekhaliphile eyikhaladi ifune ukwenza into enjengaleyo na? Angikwazi ukukuqonda. Futhi ubengaba kanjani owesifazane omhlophe afune ukugana indoda eyikhaladi, nabantwana bomhlophe nomnyama na? Anihlali ngani ngendlela uNkulunkulu anenza ngayo na? “Yiba ngoneme njengoba unakho.” Niyabo?

Manje qaphelani ukuzala kwentombi, nabaprofethi. Kulungile.

¹⁹⁸ Manje, namhlanje, Usalokhu ephila. Uselapha. Uyazifakazisa ngeZwi laKhe. LeliZwi linguNkulunkulu. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi khona—ke leliZwi labelwa lapha okwalolusuku, kuzobakhona omunye umuntu odlulayo, ukuthi leloZwi lingaphiliswa futhi lenze leloZwi liphile.

¹⁹⁹ Lokho kungenkathi Ezalwa, ukuzala kwentombi, kwakungejwayelekile, kuphuma kokwejwayelekile. Lezizinto ziphumile kokujwayelekile, futhi Akukho ayengakwenza.

²⁰⁰ Kungengaphezu kukaJosefa akukho ayengakwenza ekubeni yilokho ayeyikho. Bukani labo khokho abane: uAbrahama, uIsaka, uJakobe, noJosefa. UAbrahama, ukubiza; uIsaka, ukhetho; noma, ngapha nangapha. UAbrahama, ukhetho; noIsaka, ukubiza; uJakobe, umusa; uJosefa, ukuphelela, kungekho lutho oluphambene naye. Lowo kwakunguNkulunkulu, esebenza indlela yakhe ephuma.

²⁰¹ Ini? ULuther; uWesley; iPhentekoste; itshe elivala phezulu, neBandla neZwi liba ngelifanayo, into efanayo impela, ngokuphelele. Yonke ento ezibalweni eBhayibhelini, ngokuphelele kuyasibeka.

²⁰² Ngifisa sengathi ngabe benginenyanga lapha nani bantu abakahle. Besingahlala phansi futhi sikuxoxisane lokho, futhi sibone. Niyabo? Sivele nje simgijimise simkhiphe. Kubukeka kufana nesipoki, uze usuke uhambe futhi uthi, “Ngiyamangala,” abaningi babo. Hhayi nina, kodwa abaningi babo, bathi, “Ngiyamangala.” Niyabo, nifanele nje nishaye isiphetho sakho futhi nisuke nihambe, okwenele nje ukuthi ningabona. Niyabo? Futhi kungaleyo ndlela uNkulunkulu abiza abantu baKhe ngayo. Uhlale njalo ekwenza ngaleyo ndlela. Qaphelani manje.

203 Manje, Usaphila nanamhlanje, indida, iNsika yoMlilo ezikhombe phakathi kwethu, ngokwesayense. Futhi Iselapha, selokhu yaqonda nqo emuva ehlane noMose. Uselokhu engu NGINGUYE. Hhayi “Nganginguye,” noma “Ngiyoba.” NGINGUYE, inkathi yamanje, ngokwesayense. Futhi nge. . .

204 Qaphelani leNsika eyakhipha amehlo kaPawulu, uSawulu, futhi nabo abantu bemi lapho ababonanga lutho ngisho ngaYo. AbaYibonanga. Kodwa Yayikhanya kakhulu, kuPawulu, Yakhipha amehlo akhe. Wayehlale njalo ehlushwa amehlo akhe, kusukela lapho—ke kuqhubeke. Niyabo? Yena, bayibeka. . . Manje, bukani, lowo kungumHeberu.

205 Futhi wathi, “Nkosi, UnguBani na?” Manje, lowomHeberu wayengabiza noma yiluphi uhlobo lomoya, “Nkosi,” leyondoda ethembekile eyayifundiswe ngaphansi kukaGamaliyeli, uthisha odumile na? Futhi wayesazi isizathu ukuthi kwaKuyiNkosi, kwaKuyiNkosi eyahola abantu baYo bephuma eGibhithe. Kwakukhona leyoNsika yoMlilo imi lapho, ithi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wathi, “Nkosi, UnguBani na?”

Wathi, “NginguJesu.”

206 Manje lapha Unguyena, izolo, namuhla, naphakade. Niyabo? Wabuya, futhi waKwethembisa ukuthi kuyobuya ezinsukwini zokugcina. NaNgo, uMoya oNgcwele, niyabo, ebuya ezinsukwini zokugcina, ukuletha abantu. Manje bukani.

207 Khona ngqo ekugcineni kweJuda nomSamariya, lokhu kubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu, azi imicabango osenhliziyweni, Wakhombisa lokho kubo ngaphambi kokuba basuswe. Neveyili phezu kobuso babo (ebangizoshumayela ngakho kulobubusuku) kwa—kwakubaphuphuthekisile. Niyabo? AbaKubonanga. Manje, uma E—uma Enze lokho ngaphambili, kulezozinhlanga ezimbili zabantu. . . Okunguthi, ngithi kunabathathu: uHamu, uShemu, noJafethe. Uma Akwenza lokho, futhi Uvumela lelibandla lapha liqhubekele emicabangweni yokuhlakanipha, khona—ke Wenza iphutha. Kodwa Unguyena izolo, kuHamu, uShemu; uJafethe, ofanayo; izolo, namuhla, naphakade. Futhi Wethembisa ukukwenza. Ngakho Akasuye okhetha ubuso bomuntu.

208 Futhi bhekisisani ukuthi uAbrahama uphakama kanjani ngezibonakaliso zakhe nezinto. Futhi isibonakaliso sokugcina asibonayo senziwa nguNkulunkulu, kwakunguNkulunkulu Qobo lwakhe. WaMbona eziNkanyisweni nakho konke okunye; kodwa uNkulunkulu Yena qobo lwakhe wabonakaliswa esiDalweni esingumuntu esidlayo futhi siphuze.

209 Omunye umuntu wathi kimi ngesinye isikhathi, umfundisi, uMfowethu Foss. Wathi, “Mfowethu Branham, uqonde ukungitshela, ukucabanga ukuthi loWo odlayo wayenguye, ukuthi lowoMuntu wama lapho edla lelothole, futhi edla isinkwa

sombila, nobisi, ucabanga ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?”

210 Ngathi, “Impela. UAbrahama wathi kwakunguye. Wayenguye owakhuluma kuYe. Wayefanele azi. Wathi WayenguElohim.” Ngathi, “Wena. . .”

211 Niyabo, Uyehla ukwenza ukuhlola, njengoba Enjalo manje ekwahlulelweni kokuhlola, ukubona ukuthi ubani ongamakholwa. Kade simpongoloza kakhulu ngakho. Ukuhlola nje, ukubona ngempela ukuthi ubani ongamakholwa. Niyabo? Futhi Wazenza Yena uqobo wabonakaliswa.

212 Wathumela uhlobo lukakolo oluncane ezansi phakathi lapho, njengasemilayezweni yesimodeni esiyizwayo eBabiloni.

213 Kodwa bhekisisani ukuthi Wenzani lapho kulelobandla elikhethiwe. Ulinika ithuba, nalo. Niyabo? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi uthengiwe. . . UNkulunkulu wami, Wenzani na? Niyazi, sakhiwe ngezakhamzimba eziyishumi nesithupha ezihlukene zomhlabathi; ipotashi, ne—nepetroliyamu, nokukhanya komhlaba nezulu, nokunye. Wavele nje wafinyelela ngaleya futhi wathola umthamo ogcwele wesandla amatomu, nokukhanya komhlaba nezulu, nepetroliyamu, wathi, “Whewu! Ngena kuwo, Gabriyeli.” Futhi wenza omunye ukuba angene kuwo, Yena uqobo. Lowo uNkulunkulu wethu.

214 Futhi ngenkathi Enikeza umlayezo waKhe kuAbrahama, Wanyamalala futhi wabuyela ngqo kuNkulunkulu futhi. Onke lawo ma atomu nezinto kwavele kwahlakazeka nje. Njengomlilo uqhumisa ama acidi na—namakhemikhali okhunini noma ilahle, kumbe noma yini oyishisayo, kwabuyela kokungabonwayo. Ngiyajabula kakhulu uBaba wami unjalo.

215 Niyabo, ngiyazi, emva kokuba lomzimba usube yinto engelutho, kodwa ungeke usabona, nje izithako lapho owawukhona; ngoluny’usuku Uyobiza, futhi ngiyoMphendula. Yebo, mnumzane.

216 Umkami washo, lapha kungekudala. Ngangikama lezizinwele ezimbili noma ezintathu enginazo ezisasele. Wayesethi, “Billy, uyazi uk’thini? Usuba nekhandla elinempandla ngokuphelele.”

Ngathi, “Angikalahlekelwa nangolulodwa lwazo.”

Wathi, “Ngisize, ngitshela ukuthi ziphi.”

217 Ngathi, “Kulungile, s’thandwa, ngizokutshela, uma wenza lokhu: ngitshela ukuthi zazikuphi ngingakabi nazo; ngizovumelana nawe. Uyabo? Nomaphi lapho ezazikhona ngingakabi nazo, zilapho zingilindele ukuba ngize kuzo.” Amen. Haleluya!

218 Lowo nguNkulunkulu wami. Lowo nguNkulunkulu wethu. Impela. Uma singabantwana baka Abrahamama, siyakukholwa. Yebo, mnumzane. UnguNkulunkulu wethu.

Ngifanele ngijahe.

219 INsika yoMlilo ikhonjwa ngokwesayense, nangomnyakazo, ngesimilo saYo nakho konke okunye, iyafana nje. Njengoba Yayinjalo ngenkathi Ihlala emzimbeni weNdodana kaNkulunkulu ezelwe yodwa, Ihlala kanjalo eMzimbeni wamadodana aKhe anesimo sobuntwana osuku lokugcina.

220 Manje, ngiyazi, bazalwane, sibe nenqwaba yalokhu ukuzifanisa nomunye umuntu. Kodwa iBhayibheli lathi kuyokwenzeka, niyakwazi lokho, “NjengoJane noJambre bamelana noMose.” Niyabo? Kuzofanele kwenzeke nje. Kodwa ningakuvumeli lokho—ningakuvumeli lokho kuniphuphuthekise. Uma Nibona idola-mbumbulu, khumbulani lenziwa kwelangempela. Niyabo? Uma lingenjalo, ngela—ngelasekuqaleni.

221 Kodwa kunoMoya oNgcwele wasekuqaleni, uKristu wasekuqaleni, impela. UnguMoya oNgcwele. Qaphelani manje, neNsika yoMlilo isaphila namhlanje, phakathi kwethu. Emva kwazo zonke lezizinkulungwane zeminyaka, futhi Isalokhu ilapha. Yindida.

222 Imbewu emhlabathini iyindida. Ngizovala, cishe imizuzu eyishumi nambili. Imbewu emhlabathini iyindida. Ukuthi leyombewu encane iyongena kanjani emhlabathini futhi ife. Bese kuthi—ke uma leyombewu encane ifela emhlabathini, khona—ke ungahle uthathe umhlabathi ongagcwala isandla bese uwuyisa endlini yokusebenzela isayense bese uyihlola, ubungeke uyithole leyombewana yokuphila uma ubungakwenza. Akukho lutho lwesayense lapho, okukhombisa ukuthi kulapho. Kodwa ake nje udedele ilanga liqhumise ngakhona endaweni yayo efanele. Bhekisisa ukuthi kwenzekani. Kuvela ndawo ndawo. I ri-...Leyo yindida. Bangekuchaze. Niyabo, yonke into kuyo iyafa ngaphandle kokuphila, nokuphila akubonwa. Futhi noma yikuphi lapho ukuphila okuncane kukhona, kungaphezu kwemvelo. Nomzimba wemvelo usuphele ngokuphelele, kodwa okungaphezu kwemvelo kusaphila.

223 Manje, leyombewu encane ingambelwa. Manje ngilaleleni, bangane. Leyombewu encane ingambelwa emhlabathini. Futhi uma leyombewu ingakaqhumi nomata, angikhathali ukuthi imbewu inhle kanjani, ayisoze yaphila. Niyabo?

224 Angikhathali ukuthi amabandla ethu athola ukuba mahle kanjani, ukuthi sizama ukugqoka kahle kanjani, ukuthi siba kahle kanjani nokuthi siba yisihlakaniphi kanjani, ngaphandle uma sixhumana noMata (noMata yiZwi), niyabo, ungeke wavuka. Ayikho indlela kuwe ukuba ukwenze. Niyabo?

225 Niyazi, sithatha ummbila. Siphila osukwini lokubhasteliwe. Yonk'into ibhasteliwe, sebeze babhastela ngisho nebandla. Kunjalo. Babhastelise ibandla, lisuka eZwini, laya esivumwenikholo sezihlakaniphi, ihlelo. UJesu akazange athi, "Hambani nenze amahlelo." Akazange athi, "Hambani nakhe izikole." Wathi, "Nishumayele iVangeli, nibonakalise amandla eZwi lesithembiso sosuku." Niyabo? Kodwa sikubhastelile. Manje sesinebandla elihle ngokuthe xaxa.

226 Nina besifazane bePentecostal, onyoko babevame ukuma ekhoni, bengafake masokisi amade; ezincane, izicathulo esezigugile, lawomathenisi, beshaya isigujana itamborini. Amahlelo ayemhleka futhi ahlekisa ngaye. Ubabayi wayema lapho, enokudinga ukugunda izinwele, futhi ecosha ummbila emgwaqeni ndawo ndawo, ondla nina bantwanyana. Kubi kabi ukuthi senidedile kukho.

227 Manje, ninesigejane soRicky phakathi lapho esifuna ukuza njengabo bonke abanye, njengoba kwenza uIsrayeli, wayefuna i-wayefuna inkosi yabo uqobo. Nifuna ukwenza eyenu uqobo. Niyabo? Futhi manje seninani na? Isigejane soRicky abafundile. Kunjalo. Banalesisihlakaniphi. Bafuna ukuba njengabo bonke abanye, uDr. *uS'bani-bani*, noDr. *uS'bani-bani*. Niyabo? Futhi kunifikisephi na? Senibahle ngokuthe xaxa. Kunjalo. Bangamabandla angcono. Kodwa uphi lowoMoya owawuphakathi lapho na? Iphi leyomihlangano yobusuku bonke, "Lezo isono somuzi na"?"

228 Khumbulani, uMoya oNgwele wathi, "Ngezinsuku zokugcina, hamba ubeke uphawu kuphela labo abakhala futhi bebubula ngezinengiso ezenziwa emzini."

229 Ngifuna nina befundisi ukuba nibeke izandla zenu phezu kwalelolunga lebandla lenu, nina befundisi bamaPentecostal. Manje-ke, uma nithola lokhu, bese niza-ke futhi ngizoxolisa kini. Tholani lelolunga lenu elingenakuphumula imini nobusuku, ngokukhalela isinengiso sezono esenziwa emzini. Amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye abo ahlala ekhaya bese ebuka u*Siyamthanda uSuzy*, esikhundleni. O, wena ukhuluma ngezilimi, impela, ugxuma phansi-na-phezulu futhi umemeze. Lokho kulungile, akukho okuphikisana nalokho; akukho okuphikisana nenhlangano yenu, futhi. Kodwa ngizama ukukhuluma ngokuPhila. Kukuphi na?

230 Manje ngikhombiseni lelolunga. Bukani ukuthi kuyizwe kanjani, ukuthi kungukunganaki kanjani. Njalo ingaphandle lizwakalisa lokho okungaphakathi. "Baziwa ngezithelo zabo." Kukuphi na? Ngiyabuza nje. Phendula umbuzo wakho nje, ngaphambi kokuba ugxeke. Niyabo? Buza lowombuzo nje. Kuhle. Niyabo? Angizami ukunilimaza. Ngizama ukunisiza. Niyabo? Ngizama ukunisiza.

²³¹ Leyombewu ifanele ife. Ngenkathi iJuda...LamaGreki ayafika kuJesu ayesethi, “Sithanda ukubona uJesu.” UJesu, Wathini? Into yokuqala Wathi, “Uma uhlamvu lukakolo lungaweli emhlabathini, lufe, luhlala lodwa.” Wabakhombisa ukuthi Ubonwa kanjani: yifa kuwe uqobo, yifa kwisayense yakho ephathelene nenkambo elungileyo, izivumokholo zakho, nakho konke lokhu. Zalwa eZwini nje, kuKristu. Leyo yindida, ukulubona lumila. Yebo.

²³² Ngiyakhumbula, lapha kungekudala, ngangisezansi, indawo encane ebizwa nge Acton, eKentucky, emuva le ezintabeni, ngingakaze ngibe lapho ngaphambili. Umfo ogama lingu Mnu. Woods, futhi ngi...WayenguFakazi kaJehova. Futhi wayekomunye wemihlangano, futhi uMoya oNgcwele wakhuluma. Wayenomfana owayenomlenze ushwabene ngaphansi kwakhe *kanjalo*. Ngangimi emsamo, ngishumayela nje. Futhi ngabuka. Ngathi, “Ngibona indoda ehlezi le kwingemuva lendlu.” Kukude ngokuphindwe kathathu njengalokhu lapha, ithende elikhulu. Futhi ngathi...Futhi sasenyukile ngokuzungeza, o, kusenhla eGreat Lakes. “Futhi—futhi lendoda,” ngathi, “Inomfana. Indoda ivela eKentucky, ezansi le eKentucky. Ingusonkontileka. Igama layo uBanks Woods. Unomfana onovendle. Umlenze wakhe ushwabene ngaphansi kwakhe.” Ngathi, “ISHO KANJE INKOSI, usephilisiwe.” Ngakho, owesifazane wama lapho.

²³³ Manje, kunabantu nje abaningi abamile khona lapha kulokhu ukusa, abantu bami, omaziyo uDavid Woods. Bangaki omaziyo uDavid Woods, niyazi? Kunjalo.

²³⁴ Khona lapho—ke wasukuma, nomlenze wakhe uphile saka ngokujwayelekile. Lokho kwayixazulula inkinga kaFakazi kaJehova. Futhi ngaphandle kwalokho, ngaleyo mibono efanayo, uhole abantu bakhe bonke.

²³⁵ Umfowabo uyangena ukuhlelisa ngaye futhi nje uyamdabula amhlakaze, wathi, “Wenzani, ulandela uhlobo oluthize lohlanya olunjalo, ezinye zalezi zinkolozze zesimodeni na?” Umfundi koFakazi bakaJehova.

²³⁶ Wathi, “Awu, indoda iphandle lapho isika utshani.” Ngangifake isigqoko esidala esikhulu sotshani, futhi ngiphandle enkundleni evulekile, ngigunda utshani. Ngiyangena, ngahlala phansi. Wathi, uMfowethu Banks wathi, “Ngumfowethu lona, uLyle.”

Ngathi, “Ninjani, Mnu. Wood?”

Wathi, “Ninjani?” O, engozidlayo ngempela.

²³⁷ Ngahlala lapho kancanyana, neNkosi yanikeza umbono. Ngathi, “Mnu. Wood,” ngathi, “Ngicabanga ukuthi awukukholwa lokhu?”

238 Wathi, “Impela angikukholwa.” Wayesethi, “Ayikho into enjengezinto ezinjengalokho.” Wathi, “Yisigejane sokwenziwe onaso mfowethu sonke sixovekile.”

239 Ngathi, “Uyazi, iBhayibheli lathi, ‘Izwi elilodwa elimelene noMoya oNgcwele alisoze lathethelelwa.’” Ngathi, “Ini? NoJesu wayenza into efanayo.”

240 Niyabo, wayengakaze akubone namanje. Niyabo? Ngakho wa—wathi, “Angikholelwa kokunjalo.”

241 Ngathi, “Kulungile. Uma ubungakholelwa kokunjalo, ubuyobuyela emuva kumkakho omshiyile.” Wangiqalaza wabuka ngale. Waqalaza ngale. Manje, wayengazi ukuthi ngangibamba imicabango yakhe.

242 Kuxake kanjani, abantu bafika khona ngapha, bakubone lokho emsamo, futhi bacabange ukuthi awazi nje impela. Ngani, Wembula izinto ngakuwe ngqo. Niyabo? Kodwa ungeke wakusho. UJesu wayazi ukuthi uJuda wayenaYe ngasonke isikhathi, kodwa nokho, niyabo, akuyeke kanjalo, ngoba kunenhloso yakho. Niyabo? Futhi nje. . .

243 Ngakho, wahlala lapho. Wayesethi. . .Waqalaza ngaku Banks, sengathi utshelwe nguBanks. Lowo ngumfowabo. Ngathi, “Wena unabantwana ababili, ababili abancane, abafana abamakhanda—amhloshana.” Wabheka emuva kuBanks futhi. Ngathi, “Ucabangani, ukuthi uBanks ungitshela lokho na?” Ngathi, “Uthini ngalokhu na? Ebusukwini bakuthangi, wawugijima nowesifazane onezinwele ezinsundu ngokubomvana, futhi wawusekamelweni. Futhi kulelikamelo, kukhona umuntu owangqongqotha emnyango, futhi wamthumela emnyango ngoba wawesaba. Kuyinto enhle. Wasakazeka ikhanda lakho; omunye wezithandwa zakhe wayemi lapho nesibhamu esandleni sakhe.”

Wathi, “Nkulunkulu ngihawukele.”

244 UNkulunkulu uyazi ukuthi kanjani. Manje usengonomoya omuhle, umKristu wokuqina. Uyise weza ngendlela efanayo, odadewabo nabobonke.

245 Sasisezansi eKentucky, sizingela izingwejeje, phakathi kowodwa wemihlangano yami. Nganginamaviki amabili. Koma ngempela. Bangaki abake bazingela izingwejeje na? O, bazalwane bami, akukho okunjengakho. Ngakho, nginike isibhamu i .22, phakathi noAgasti, futhi ngisekhaya. Ukuthi iNkosi ikhuluma kanjani phandle lapho, futhi yazi izinto! Ukuthi Yakwenza kanjani. . .o, kanjalo kanjalo. Qaphelani. Khona—ke si. . .

246 Komise ngempela, phezulu ezinqenqemeni lapho esasikhona. Wathi, “Ngiyazi indoda endala ingumphikinkolo.” Wathi, “Inama-eka angamakhulu amahlanu amagquma nje njengaleli, nasezansi ezigodini, imigodi,” siwabiza kanjalo

lapho, “ongakwazi khona ukuhamba, ngoba kumanzi.” Wathi, “Singahle sifinyelele kwezinye izingwejeje.” Wathi, “Kodwa ingumfo omdala onesihluku.”

Ngathi, “Awu, asehle futhi siyibone.”

²⁴⁷ Ngakho cishe izinyanga ezithi azibembali ngaphambi kwalokho, ukuthi sazi kanjani ukuthi indawo yayilapho, nganginomhlangano eziNkundleni zokuKhempa zeMethodisti e Acton, eKentucky. Futhi ngalobobusuku, uMoya oNgcwele usenza ukubona okufihlakeleyo, kwakunowesifazane ehlezi emuva le kwingemuva lezinkundla. Futhi Wabiza igama lakhe, wawusuthi, “Unodade obulawa ngumdlavuzwa wesisu. Kade ese Louisville nje, futhi bamqhaqha. Umdlavuzwa wawusongeke kakhulu ngokumzongolozela, ukuthi u... Abakwazanga ukuhlinza. Futhi nguNkk. *Sibani-bani*.” Wasukuma wayeseqala ukukhala.

²⁴⁸ Ngathi, “Ngenkathi usuka ekhaya kulobobusuku, ekhabetheni lezitsha eliphezulu eliyimabula uthathe iduku elincane wase ulifaka esikhwameni sakho semali. Sinesincane, isithombe esiblu ekhoneneni.” Niyabo?

²⁴⁹ Wena uthi, “Kanjani? Lokho kuzwakala impela...” Awu, kuthiwani ngoJesu esho lapho leyonhlanzi eyayinemali emlonyeni wayo na? Kuthiwani ngomprofethi etshela indoda ukuthi iminyuzi yayisibuyile na? Nje, niyabo, uevele nje... UDeveli unokuzifanisa nomunye umuntu, yebo. Kodwa awumuzwa neze omunye wabo eshumayela iVangeli futhi ethola imiphefumulo isindiswe, niyabo, ngakho. Niyabo? Niyabo? Ufanele wazi kangcono.

²⁵⁰ Ngakho manje-ke siyathola, wamtshela lokho, wathi, “Thatha leloduku bese ulibeka phezu kukadadewenu, ngokuba, ISHO KANJE INKOSI, uzophila.”

²⁵¹ Awu, angazi, noma yimuphi wenu uyamazi uMfowethu Ben na? Ngiyasikhohlwa isibongo sakhe. [Omunye uthi, “Bryant.”—Umhl.] UBryant, kunjalo, uBen Bryant. O, he! Anisoze... Niyomazi njalo, uma nike nambona kanye. Ukuba ubelapha, ubeyompompoloza, ejikijela izandla nezinyawo emoyeni kanjalo, empompoloza. Ngakho ngesinye isikhathi... .

²⁵² Wase-ke ehamba nalona wesifazane, ukuba akubeke edukwini lakhe, futhi—futhi abeke iduku phezu kwakhe enhla lapho.

²⁵³ Futhi cishe eminyakeni emibili kamuva yingaleyonkathi esaya kozingela izingwejeje. Wathi, “Asehlele kulokho.” Ya. Ngangingazi ukuthi kwakuyilelozwe elifanayo. Kwakucishe kube amamayela angamashumi amabili ukusuka lapho esasikhona. Ngakho sehlela lapho, sase sihosheleka emuva le phezu kwamagquma nasezansi emigodini, nasenhla nokho isiqinti sesithonjana somshanelo, naphezulu *ngapha*, size sifike endlini enkulu endala. Futhi lapho kwakuhlezi amakhehla

amabili, ehlezi phansi kwesihlahla sama apula. Izigqoko zawo ezindala eziyabuzelayo zithe ngx1. Wathi, “Nguye lowo. Futhi, mfana, unesihluku.” Wathi, “Unenkathazo, umphikinkolo.”

²⁵⁴ Ngakho, sama. Ngathi, “Kungcono uyokhuluma naye, ke. Uyazi ngingumshumayeli, ngeke asivumele sizingele nhlobo.” Ngakho wa—wathi. . . Wenyukela lapho wayesema.

²⁵⁵ Wayemi lapho, esikhulu isinemfu, ugwayi emlonyeni wakhe, futhi sehla sonke ngentshebe yakhe, emi lapho. Ngakho wajikela ngaleya. Wathi, “Ngani,” wathi, “halo! Ngena.”

²⁵⁶ Ngakho, wenyukela lapho. Wayesethi—wathi, “Igama lami nginguWoods.” Wathi, “NginguBanks Wood.” Wathi, “Ngi. . . kade si. . . Mina nomngani wami kade sizingela ngapha,” wathi, “izinsuku ezimbalwa, phezulu lapha ngase Acton,” washo. Wayesethi, “Ngi—ngi. . .” Noma, “Komise kakhulu—kakhulu,” wathi, “asikwazi ukungena ehlathini. Izingwejeje ziyindlala kakhulu.” Wathi, “Ngiyazi indawo yakho inezigxobo, kodwa ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizoza ngizokucela, ungivumele ngizingele.”

Wathi, “UnguWoods kabani wena na?”

²⁵⁷ Wathi, “Ngingumfana kaJim Wood.” Lowo kwakungu Jehovah Reader, Witness Reader. Niyabo?

²⁵⁸ Wathi, “UJim Woods omdala ungenye yamadoda aqotho kakhulu lapho.” Babakhe eIndiana ngaleyonkathi. Wathi, “Indoda eqotho kakhulu eyake yabakhona kulelizwe.” Wathi, “Ngingakwethemba impela ukuba ungabulali enye yamankomazi ami noma uqale umlilo.” Wathi, “Zisize nje.” Wathi, “Qhubeka futhi uzingele kuyo.” Wathi, “Nginama eka angamakhulu amahlanu lapha. Zenze ubesekhaya.”

²⁵⁹ “Kulungile.” Wathi, “Ngiyabonga.” Wathi, “Ngibona ukuthi kulungile kumelusi wami ukuba eze naye.”

Wathi, “Ubani owakho?”

Wathi, “Umelusi wami.”

Ngabe ngithatha isikhathi eside na? [Omunye uthi, “Qhabo, mnumzane.”—Umhl.] Kulungile.

Wathi, “Umelusi wami.”

²⁶⁰ Wayesethi, “Woods, awuqondile ukungitshela ukuthi usuphansi kakhulu kangako ngangokuthi usuze uphathe umshumayeli noma ngabe uyaphi,” washo.

²⁶¹ Ngacabanga ukuthi kwase kuthi akube yisikhathi sami sokuba ngiphume—ke, ngakho ngaphuma emotweni ngase ngihambahamba. Ngathi, “Ninjani?”

²⁶² Wangibuka, wayeselokhu exubha ugwayi wakhe, niyazi, bese ephimisela phansi *kanjalo*. Wathi, “Futhi ungingumshumayeli, ehhe?” Ngathi. . . Ngabuka, igazi lezingwejeje konke kimi,

nobuhwanqa. Kwase kungamaviki amabili ngingagezi, niyazi. Futhi—futhi ngicambalala ehlathini, ngilala, niyazi.

Futhi—futhi ngakho ngathi, “Ngingahle ngingabukeki njengaye, kodwa,” ngathi, “nginguye.”

²⁶³ Wayesethi, “Awu,” wathi, “okungenani ngingakuhlonipha ubukeka njengesidalwa esingumuntu.” Wathi, “Awubukeki ufana nabashumayeli engi. . .”

Ngakho ngathi, “Awu, ngiyabonga, mnumzane.”

Wathi, “Ngithi ukuphambana nani bafo.”

Ngathi, “Ngi—ngiqondile, ngoMnu. Woods, ukuthi ubunguye.”

Wathi, “Uyazi, ngingumphikinkolo. Ngifanele ukuba nguye.”

²⁶⁴ Ngase ngithi, “Yebo, kodwa angicabangi ukuthi lokho kuyinoma yini engingaqhosha ngayo, wena uyaqhosha na?”

²⁶⁵ Wayesethi, “Awu,” wathi, “angazi.” Wathi, “Ngicabanga ukuthi nina bafo ninisemkhondweni ongesiwo.” Futhi niyazi ukuthi lokho kusho ukuthini na? “Inja eqamba amanga.” Niyabo, izinyamazane amagqalashu azikho phezulu lapha. Niyabo? Ngakho wathi, “Ngicabanga ukuthi nisemkhondweni ongesiwo. Akukho lutho phezulu lapho, futhi nonke nje niqamba amanga ngakho.”

Ngathi, “Kusobala, lokho kusekucabangeni.”

²⁶⁶ Wayesethi, “Yebo, ngiqangele yileyo ndlela okucabanga ngayo.” Wathi, “Buka lapha, mnumzane.” Wathi, “Uyawubona lowoshimula omdala enhla lapho na? Ilapho ke indlu endala. Ngazalelwa phezulu lapho. Ubaba wami wakha lendlu ezansi lapha,” wathi, “cishe eminyakeni engamashumi ayisikhombisa nanhlanu eyedlule.” Wathi, “Ngakhuliswa khona lapha. Ngihambile phezu kwalomagquma. Ngibheke ndawo zonke, phezulu ezibhakabhakeni, macala onke. Angibonanga Nkulunkulu, naziNgelosi, noma lutho olunye.”

Ngathi, “Awu, lokho kusekucabangeni.”

²⁶⁷ Wayesethi, “Angikaze ngibone namunye wenu kuphela ngangicabanga ukuthi wayeqamba amanga.” Wathi, “Angifuni ukulimaza imizwa yakho, mnumzane. Ngi. . .”

²⁶⁸ Awu, i. . .Awu, ngabe ngizoyozingela, noma ngabe ngizomncwela phansi na? Ngakho ngacabanga ukuthi ngizovele nje ngimnike. . .Umama njalo wayethi, “Nikeza inkomazi intambo eyenele, izozilengisa yona.” Niyabo? Ngakho, ngacabanga, hamba nje.

Ngathi, “Yebo, mnumzane. Kunjalo.”

²⁶⁹ Wathi, “Nga—ngahlangana. . .Ngezwa ngomshumayeli oyedwa ngesinye isikhathi, ukuthi, uma ngike ngahlangana

nomfo, ngizoxoxa naye.” Wathi, “Angahle ukuba wayenento ethize.” Futhi u . . .

Saxoxa isikhashana esincane, niyazi. Ngase ngithi, “Kwakungubani lowo?”

270 Wathi, “Kwakunomfo . . .” Wathi, “Kwakungubani igama lakhe na? Wayesenhla lapha e Acton. Ngikholwa ukuthi bambiza . . . Ngiyalikhohlwa ukuthi igama lakhe wayengubani. UBranham.”

Ngabhaka ngale kuWoods. NoMfowethu uWoods wathi, “Hah-ah.”

271 Wathi, “Uyazi,” wathi, “inenekazi elidala uCasmowakhe enhla lapha phezulu egqumeni.” Wayesethi, “Si—silitathe saliyisa kudokotela eLouisville, futhi wathi lalinomdlavuzo. Futhi bavele bathunga umhlane walo nje.” Wathi, “Udokotela ubanika umuthi ukuba balinike, futhi baligcine lithule lize life. Futhi kwase kuyisikhathi salo nje ngaleyonkathi cishe ukuba lishone.” Wathi, “Lalingakwazi ngisho ukuvuka embhedeni.” Wathi, “Sasidingeka sidonse ishido lombhede silikhiphe phansi kwalo. Li . . . Sasingakwazi ukulibeka epoweni yombhede, niyabo, phansi kwalo ngqo.” Wathi, “Unkosikazi nami sasenyuka futhi sihlanze umbhede walo, njalo ekuseni.”

272 Wayesethi, “Kwakunomshumayeli ovela kude ngaphandle ngaleya, ndawondawo eIndiana—er.” Wathi, “We—wehlela lapha, futhi wayenomhlangano phezulu lapho.” Wathi, “Leyondoda yama lapho ngalobobusuku yase itshela udadewabo, uSibani—bani, ngeduku ayenalo ephakatheni lakhe.” Wathi, “Eza e . . .”

273 Wayesethi, “Baletsha isigejane salabo bagingqiki abangcwele laphaya.” Wayesethi, “Ngangicabanga ukuthi babeneSalvation Army phezulu esiqongweni segquma ngalobobusuku.” Lowo kwakungu Ben omdala ememeza kanjalo, niyazi.

274 Ngakho wathi—wathi, “Ngathi, ‘Awu, uyazi, wafa.’ Wathi, ‘Lowo ngumndeni wakhe.’”

275 O, niyazi ukuthi kunjani ngemuva ezweni. Banomunye nomunye nje, futhi bayathandana futhi baphilelane. Kubi kakhulu asikwenzi lokho ngasemadolobheni amakhulu.

276 “Ngakho ba—bathi si . . . Futhi babehamba, ukuba bafe.” Wayesethi, “Ngacabanga, ‘Awu, lowo nguyeyeyi.’ Wathi, ‘Awu, isikhathi sesihambile. Asikwazi ukukhipha umzimba wakhe, kuze kube sekuseni.’ Wathi, ‘Ngizothatha inqola yami. Ngizokwenyukela lapho bese ngimthatha, bese ngimdonga ngimkhiphe, ukuze simyise kwi . . . ngale eCampbellsville, eKentucky, cishe amamayela angamashumi amane ukusuka lapho, kuya kumngcwabi.’ Wathi umngcwabi wayedingeka eze emgwaqeni omkhulu, okungamamayela cishe ayisishiyangalombili, amamayela ayishumi, phandle. Wathi,

'Angawucosha umzimba wakhe kusakela lapho.' Wathi, 'Asikho isidingo sokuya laphaya kulobubusuku. Bayobe bekhala nje.' Wathi, 'Sizolinda nje kuze kuse.'"

277 Wathi, "Uyazi, ngokusa okulandelayo ngenkathi ngenyukela lapho, lowo wesifazane wayepheke ophaya bama apula abafrayiwe, naye nomyeni wakhe bahlala etafuleni bebadla. Futhi wayephila ngamanzi kabhali."

278 (Ngacabanga, "Ah-oh.") Ngathi, "O, manje, manje, awume kancane." Ngathi, "Awukukholwa lokho."

Wathi, "Futhi awukukholwa na?"

279 Ngase ngithi, "...Awu, nguwe okushilo." Ngacabanga, "Mfana omdala, uzoshumayeza mina manje, uyabo?"

Wathi, "Awukukholwa na?"

280 Ngathi, "Ndoda, uqonde ukungitshela ukuthi into enjengaleyo ibingenzeka kuwowonke lonyaka wesayense lapho esinodokotela abedlula bonke na?"

281 Wathi, "Uma ungakukholwa, ngizokuthatha ngikwenyusele lapho futhi ngikufakazise kuwe." Manje umphikinkolo ushumayela kimi ngoNkulunkulu. Niyabo?

Ngathi, "Awu, wena, uqonde lokho na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Awu, kwakuyini na?"

282 Wathi, "Ngifuna uku...Uma ngike ngaze ngabonana naleyondoda, ngizoyibuza ukuthi yini ezweni le eyayitshela ngalokho, nokuthi yazi kanjani ukuthi lowo wesifazane wayezosinda. Niyabo?" Wathi, "Ngizoyibuza ngalokho."

283 Ngathi, "Ahha." Ngathi, "Awu, lokho kungaba yinto enhle." Ngase ngithi, "Awusho, kungakuphatha kabi uma ngithatha elilodwa lalawoma apula na?"

284 Futhi lalisemhlabathini. Ekwindla lonyaka, niyazi, kwakuyiviki lesibili kuAgasti, namaqabunga laliwohloka esihlahleni. Nama apula ayelapho, futhi ayengama apula amnandi. Ngalicosha ngase ngilesulela kulelibhulukwe elidala elingcolile, ngase ngiyolidla, niyazi, kanjalo.

285 Wathi, "Ya, zisize. Amayelo jakethe ayawadla." Bangaki abaziyo ukuthi yini iyelo jakethe na? Ngakho wathi, "Amayelo jakethe ewadla ewaqeda. Ungazisiza."

286 Ngakho ngathi, "Kulungile." Ngakho, ngaya kokudla. Ngathi, "Mfana, yi apula elihle."

287 Wathi, "O, yebo. Ngasitshala leso sihlahla lapho uqobo lwami, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, ngakulowomfudlana." Ngathi, "Hheyi, uyazi, sizoba nekwindla yasekuqaleni." Ngathi, "Buka lapho." Ngathi, "Ngiyamangala ukuthi kungani lawomaqabunga ewohloka kulesosihlahla

ngaphambi kokuba ngisho sibe nobusuku obupholile na? UAgasti, oshisa kunazonke.”

“O,” wathi, “ukuphila kusukile kuso.”

“O, ngabe yilokho okwenza lokho na?”

Wathi, “Ya, aphenduka abe yelo bese ewohloka.”

Ngathi, “Kushonephi ukuphila na?”

Wathi, “Kwehle kwangena empandeni.”

Ngathi, “Awu, kukwenzeleni lokho na?” Niyabo?

288 Wathi, “Awu, ingenxa yokuthi uma kunga, uma kungehleli empandeni,” wathi, “ubusika buzosibulala isihlahla. Imbewana yokuphila ise—e—amanzi esihlahla asesihlahleni, futhi ehlela empandeni.” Futhi ubufakazi obuhle kangaka pho obulapho, niyabo, bokufa, ukumbelwa, nokuvuka, futhi. Niyabo?

Ngathi, “Manje—ke, kwenzekani ke? Ngabe ahlala phansi lapho na?”

Wathi, “Qhabo. Qhabo.”

289 Ngathi, “Ayabuya ngentwasahlobo elandelayo bese ekulethela esinye isixheke sama apula.”

“Ya.”

“Futhi uhlale lapha futhi uwadle.”

“Ya.”

“Futhi manje—ke uthi awukaze umbone uNkulunkulu.”

Wathi, “Awu, leyo yimvelo nje.”

Ngathi, “Kunjalo na?”

“Yebo, mnuzane.”

290 Ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize. Uma kuyimvelo nje, ngitshela ukuthi buhlakani buni obexwayisa lesosihlahla, lawo manzi esihlahla esihlahleni na? Awanabuhlakani obungowawo. Kodwa buhlakani buni obehlixa lawomanzi esihlahla empandeni, uthi, ‘Yehlela lapha bese ucasha ezinjulwini zomhlaba manje, kuze kwedlule zonke izinkathazo, manje—ke ngizobuye ngikubuyise futhi na?’ Uyabo? Ngitshela. Ukuphila obekuseqabungeni, kufe umzimba nje. Iqabunga lawohloka. Ukuphila qobo lwakho kwehla, kubuya neqabunga elisha. Uyabo?” Ngathi, “Ukuphila kucashile, kwehlela emhlabathini.”

291 UJobe, njengoba ngishilo izolo ebusuku, “O, ngifihle ethuneni, niyabo, kuze kwedlule ulaka lwaKho.” Ukubonile ukuhlupheka kufika, kusobala. Niyabo? Qaphelani, wathi, “Ngifihle.”

Wathi, “Awu, lokho yimvelo nje.”

292 Ngase ngithi, “Mnumzane,” ngathi, “uma ngikhiphela ibhakade lamanzi lapha esigxotsheni, bese kuthi—ke njalo ngo

Agasti lawomanzi ehlela esigxotsheni esiphansi ekugcineni, bese kuthi—ke entwasahlobo yonyaka ayobuyela ebhakedeni futhi?”

Wathi, “O, o, qhabo. Awanakuphila.”

²⁹³ Ngathi, “Nakho lapho okhona. Manje usukutholile. Uyabo, ngukuphila.” Ngathi, “Uyabo, lowo nguNkulunkulu.”

Wathi, “Uyazi, angizange ngicabange ngalokho.”

Ngathi, “Ngitshele ukuthi yini eyenza lokho?”

²⁹⁴ Wathi, “Angazi. Angazi ukuthi kwenziwa yini. Ngathi, ‘Yimvelo.’”

Ngathi, “Awu, Ubani olawula imvelo na? Ngabe imvelo ingubuhlakani na? Qhabo.”

Wathi, “Awu, angizange ngicabange ngakho kanjalo nje.”

²⁹⁵ Ngathi, “Ngizokutshela, ngiyaphuma lapha, ngizingela izingwejeje, uma kulungile.”

Wathi, “Zisize.”

²⁹⁶ Ngathi, “Uma ngibuya, uma ngibuya . . . Fundisisa kanzima impela manje. Futhi uma sengibuya, ungitshele ukuthi buHlakani buni obutshela lokho kuphila kulesosihlahla ukuba kwehlele empandeni futhi bubuye bubuye ngentwasahlobo elandelayo, futhi ngizokutshela ukuthi Ini, iNto efanayo eyangitshela ukuthi owesifazane wayezophila enhla lapho, owayenomdlavuza.”

Wathi, “Eyakutshela?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Uyilowo mshumayeli na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane. NginguMfowethu Branham.”

²⁹⁷ Futhi lapho phansi kwalesosihlahla, ngaleyontambama, ngento encane elula kanjalo, ngamholela kuKristu, izinyembezi zehla ngezihlathi zakhe.

²⁹⁸ Sekungunyaka kamuva, ngehla. Ngenyusela itrakhi yami egcekeni. Base bethuthile. Wayesashona. Wafa. Futhi ngenkathi ngibuya, inenekazi lalimi lapho, ukuba lingibhavumulele, ngokuzingela enkundleni efakwe izigxobo. Wayengitshelile, ukuba ngizingele noma ngasiphi isikhathi engangifuna ngaso. Lalinga . . . alimzwanga esho lokho.

²⁹⁹ Ngakho ngiyenyuka, ngathi, “Ngi—ngiyaxolisa.” Ngathi, “Ngifika lapha kusesekuseni ngalokhu ukusa, ngase ngipaka imoto lapha lapho obungakwazi khona ukuyibona.”

Lathi, “Lawo ilayisense yase Indiana lapho na?”

Ngathi, “Yebo, mem.” Ngathi, “Umyeni wakho . . .”

³⁰⁰ Lathi, “Umyeni wami sekucishe impela kube ngunyaka ashona.” Lahlala, licwecwa ama apula egosini elingemuva,

liwakha kulesosihlahla esifanayo. Ngathi, “Awu, wangitshela engakafi.”

Lathi, “Angikukholwa.”

³⁰¹ Ngathi, “Ngangihleli ngqo phandle lapho ngolunye usuku.” Ngase ngithi, “Ngiyenyuka futhi ngangikhuluma naye. Bathi wayengumphikinkolo.”

³⁰² Laqathaza lelo apula lase lingiqalaza. Lathi, “UnguMfowethu uBranham na?”

Ngathi, “Yebo, mem.”

³⁰³ Lathi, “Ngithethelele.” Lathi, “Ngithethelele.” Lathi, “Washona, ememeza, zombili izandla ziphezulu emoyeni, edumisa uNkulunkulu; azi, njengoba leloqabunga libuya, uyobuya futhi.”

Niyabo, indida, engachazeki.

³⁰⁴ Ngihlezi, ngidla u ayisikhrimu, nje. . . (Ngiyavala.) Ngihlezi, ngidla u ayisikhrimu, kungekudala. Usokhemesi omdala wangitshela, wathi, “Uyazi, Mfowethu uBranham, ngine. . . Uyakholelwa endideni na?”

Ngase ngithi, “Yebo.”

³⁰⁵ Wathi, “Ngezwa umlayezo wakho ngesinye isikhathi eteyipini, *INdida*.” Wathi, “Eminyakeni eminingi edlule, ngesikhathi sokuntuleka kwezinto zonke,” wathi, “abantu ezweni, ngosizo, babefanele beze bazothola isiyalo,” wayesethi, “ukuba bathole umuthi wabo.” Wayesethi, “Bafanele bame emigqeni emide.” Wayesethi, “Ngolunye usuku, into exakile.” Wathi, “Ngangihlezi emuva lapha ngifunda iphepha, nomfana wami omncane,” wathi, “wayephezulu lapho.”

³⁰⁶ Wayesethi, “Owesifazane omcane wayekade emi emgqeni phandle lapho. Wayezoba ngumama, niyazi, noma ngasiphi isikhathi. Wayefanele athole umuthi. Udokotela wanikeza isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Wayefanele athole isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sigwalisiwe.” Ngakho, wathi, “Umfana. . . Umama wayengasenakukwazi nje ukusukuma isikhathi eside. Wamenyusela lapho. Wathi, ‘Mnumzane, ngizoma emgqeni. Ngifanele ngiyise umkami ekhaya.’ Niyabo? Wathi, ‘Ngingamyisa ekhaya na? Udokotela uthe ufanele abe nalomuthi kulentambama, futhi akasakwazi ukuma isikhathi eside.’ Wathi, ‘Nginga—ngingasithola lesisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ugcwaliswe na? Niyabo, ngine oda lapha. Ngifanele nje ngithole inothi ukuba lithi ngingakwenza.’ Wayesethi, ‘Ngizosibuyisela kuwe ngqo.’

³⁰⁷ “Futhi umfana omncane, kusobala, ngesikhathi sokuntuleka kwezinto zonke, niyazi, wathi, ‘Ngi—ngiyaxolisa.’ Wathi, ‘Nge—ngeke ngakwenza lokho.’ Wathi, ‘Si—sineziyalo ukuba singakwenzi lokho.’ Wathi, ‘Ngingeke ngakwenza lokho.’”

308 Wayesethi kwenzeka nje waphenduka wayeselalela ukuthi kwakuyini. Wabheka phezulu lapho. Nalowo wesifazane omncane bandla, umlomo wakhe umhlophe, futhi ebambebele ohlangothini lodonga, *kanjalo*. Nomyeni wakhe emi lapho, enomoya omuhle nje ngakho konke. Wathi, “Awume kancane, ndodana.”

309 Wathi, “Ngahamba ngase ngilanda isithako somuthi nokusentshenziswa kwawo, ngasigcwalisa, ngasibuyisa.” Wathi, “Mfowethu Branham, ngenkathi ngikunikezela,” wathi, “Ngabuka. Ngawubeka ezandleni zeNkosi uJesu.” Wathi, “Ngacikica amehlo ami. Ngabuka futhi.” Wathi, “Kwaba nguYe owelula isandla wayesethatha lesosithako somuthi nokusentshenziswa kwawo.” Wathi, “Ucabanga ukuthi ngisangene, Mfowethu Branham na?”

310 Ngathi, “Qhabo, qhabo. ‘Enikwenzile kwabancinyane balaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi.’ Indida, impela, kwakuyiyo. Kwagcwalisa iZwi.”

311 Kuneziningi, indida enkulu ebesingaxoxa ngayo. Kodwa, bangane abathandekayo, njengoba sivala, asicabange ngalokhu. Kukhona eyodwa enkulu eyodwa ezayo, uHlwitho. Sonke masilungele leyo eyodwa lapho. Asizibeke esimiselweni semiphefumulo yethu manje phambi kukaNkulunkulu, ukuthi uma lesosikhathi sifika, ukuthi sizohamba.

Lapho icilongo leNkosi liyokhala, nesikhathi
 asisayikubakho,
 Ukusa kusa Phakade, kukhanya futhi
 kubalele;
 Futhi nxa abakhethiweyo bakithi bebuthana
 eKhaya labo ngaleya kwesibhakabhaka,
 Nxa ebizwa amagama ngaleya, sonke masibe
 lapho.

312 Ngihlale kulelitafula kulokhu ukusa, nginibuka. Niyazi, singahle singakudli neze okunye ukudla kwasekuseni sindawonye. Niyakwazi lokho na? Lesi kungaba yisikhathi sokugcina esiyo ke sidle ukudla kwasekuseni sindawonye. Kodwa yinye into eqinisekile, ngomusa kaNkulunkulu, sizoba sekudleni kwakusihlwa sindawonye, ngolunye lwalezizinsuku. Ngiyobuka ngale kwetafula lapho futhi nginibone. Ngizothi, “Niyakhumbula ngenkathi sisezansi eTampa na?”

“Ya. Lokho ku—lokho kungenkathi ngenza ukuzinikela kwami okugwele.” He!

313 Kusobala, izinyembezi ziyokwehla ezihlathini zethu. Khona—ke iNkosi iyophuma, ubuhle baYo, izesule zonke izinyembezi emehlweni ethu, ithi, “Ningabe nisakhala, bantwana. Sekuphelile. Ngenani ezintokozweni zeNkosi, elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba.”

Asikhothamise amakhanda ethu.

³¹⁴ Baba waseZulwini, umsuka wesikhathi sethu usho okukhulu kakhulu, Nkosi. Singaba boshwe ngumhlaba nje. Futhi emzuzwini embalwa nje lapha nalaphaya, futhi nje kugijima kuphumele kithi. Futhi uma sixoxa naWe, sikholwa ukuthi sivuke kanye naWe manje, “sihlezi ezindaweni zasezulwini kuKristu Jesu.” Futhi Wena unathi kulokhu ukusa. Sinokukuzwa lokho. Siyazi ukuthi Wena ulapha.

³¹⁵ Futhi sikhuluma ngendaba yendida. Leyo ngengaphezu kwemvelo. Yindida ukuthi Wasindisa njalonzalo olusizi njengami. Ukuthi bakanjani bonke abantu bakithi, izoni, zavuswa, emajukujukwini, ugudluthukela, Waze walwena kanjani uhlamvu lukakolo kuwo, Nkosi na? Indida. Ingingi labantu bakithi befa befake amabhuzu abo, belwa, izibhamu. O Nkulunkulu! Kodwa umusa waKho wangisindisa. Ngibonga njalonzalo, Nkulunkulu. Ngibonga njalonzalo.

³¹⁶ Ngi—ngikhulekela abanye, Nkosi. Ukuba benginga... Ukuba nje bebengamazi loMuntu oyisimangaliso, uKristu. Futhi ngiyababona, Nkosi, njengoba behlezi emuva nomqondo wobuhlakani wakho, futhi ngempela abazi ukuthi uMuntu, uKristu, uyini. Nkosi, kwenze kube yikho ngempela kubo.

³¹⁷ Siza lawa, lesisigejane samadoda esikahle, Nkosi, abafowethu. Laba befundisi nosomabhizinisi aba, kulelihora elikhulu lobumnyama, bazikhombe bona, Nkosi, ukukholelwa kwabo. Ngisho nangezinye izikhathi kumelene nokucabanga kwabo okungcono kwezinhlangano zabo, bayaLifuna noma kanjani. Babusise, Baba. Busise ngamunye.

³¹⁸ Manje, sisakhothamise amakhanda ethu. Angazi noma, kulokhu ukusa, uma bekhona lapha ongaqinisekile ukuthi iqabunga elincane, ukuthi wenza ithunzi lomunye umuntu, uma ukuphila kungawushiya, ukuba kubuyele emhlabathini, kungavuka futhi na? Ngabe imbewu iyaqhuma noMata, ongalenza libuye futhi na? Uma ngokoqobo ungaqinisekile ngakho, mngani, asikhuleke ngakho manje.

³¹⁹ Niyazi ukuthi ukuPhila kuyini na? NguMoya oNgcwele. Uma ungakawemukeli lowo Moya oNgcwele kuwe, ongukuPhila owawusesiThombweni sokuqala esavuka, niyabo, uKristu, ulibo lalabo abalala. Manje, uma lokho kuPhila okwakukuYe, lowoMoya ofanayo, ungekho kuwe, akunandaba ukuthi uzama ukuba nomoya omuhle kanjani, ungeke wavela. Akukho lutho lapho lokukuvusa. Ungathatha uhlamvu, ulubhastelise nenyene into ethize, lungeke lusathela. Seluphelile. Uma ungowesonto nje, futhi ngempela ungagcwalisiwe ngoMoya kaNkulunkulu.

³²⁰ Ngiyazi ukuthi kul'khuni ukwenza isinqumo sokuma manje, ngoba bakubiza ngayoyonke into. Lokho akunandaba. BaMbiza ngento efanayo. “Futhi bonke labo abaphila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayokuhlushwa.” “Bahlupha abaprofethi ababephambi kwenu.” Bayakwenza namhlanje.

“Bahlupha labo abakholwa abaprofethi owayephambi kwabo, kanjalo bayokwenza kini.”

³²¹ Uma ungaqinisekisile ngakho, ikhanda lakho likhothema namehlo akho ecimezile, ngizonicela enye futhi into eyodwa ukuba niyenze. Ngicela ningiqonde. Khothamisa inhliziyo yakho, uzoyikhothamisa na? Khothamisa inhliziyo yakho nje umzuzu. Futhi ubungathi, “Mfowethu Branham...” Kungabibikho muntu obukayo kodwa uNkulunkulu nami. “Mina—mina, ngeqiniso, ngise kungabazeni okuncane ukuthi ngabe ngiyokhuphuka futhi. Ungangikhumbula emkhulekweni na?” Manje, asikwazi ukubizela ealtare, akungaphezu kokuphakamisa isandla sakho nje. Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubisise, wena, wena, wena, wena, wena. Yebo, ndawo zonke. Akabongwe uNkulunkulu. Ngiyanibonga.

³²² Baba waseZulwini, amancane, amazwi alula, kodwa nokho uMoya oNgcwele omkhulu useduzane, Yena Owazi imfihlo yenhliziyo. Futhi baphakamise izandla zabo ukuthi abaqinisekile ngakho. Kodwa, nokho, ba—ba—bayaKukholwa. Bona, bayakufuna. Futhi ba—ba nje... Abanakho Lokho. Abazi nje ukuthi lowo mgwaqo uyobanjani, phansi nengatsha; kuphume egatsheni, kungene egatsheni; kuphume egatsheni, kuyongena phansi esiqwini, kubuye futhi.

³²³ Wena unguMholi ongumphelekezeli, Nkosi. Njengasohambweni lokuyozingela, uma ungabizi ngaphambili bese wenza amalungiselelo omholi ongumphelekezeli, ungalahleka. Futhi sibiza phambili manje kuMholi ongumphelekezeli wokuPhila Owathi, “Ngingukuvuka nokuPhila.” Uyayazi indlela, Nkosi. NgiKubhalela lencwadi encane, ngesimo somkhuleko. Futhi babhala into efanayo. Bemukele, Nkosi.

³²⁴ Bafuna ukuzibekela izindawo zoHlwitho, leyondida enkulu. Kade bese mhlanganweni kuleliviki, futhi babubonile uBukhona baKho, futhi bayazi ukuthi Ulapha. Abanesitashi kanjalo, ukucabanga lokho... Amadoda aletha imiLayezo awasizo iziNgelosi; angamadoda. Futhi siyazi ukuthi Wena usebenza ngamadoda. Futhi ngiyakhuleka manje ukuthi izindawo ezibekelwe bona zizokwenziwa kulokhu ukusa. Wena wathi, “OyoNgivuma phambi kwabantu, yena Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.” Uma loloSuku lufika, khona—ke Uyobahola ubaphellekezele bawele umfula; bephuma egatsheni, behlele emvinini, bayongena empandeni yomuthi, uma Ulibala; khona—ke ubabuyise bakhuphuke futhi, kuleyondida enkulu ekupheleni komgwaqo. BangabaKho, Nkosi. Kuphakathi kwaKho nabo.

³²⁵ Ngiyakhuleka, Nkosi, uma bengakaze babhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, ukuthi bazokwenza lokho.

Khona-ke bazogwaliswa ngoMoya oNgwele, ukuPhila okuzobahola kubaphelekezele. Ngokuba kuseGameni likaJesu Kristu sicela lokhu. Amen.

³²⁶ Ngiyanibonga, ngomusa wenu, sekwedlule le esikhathini. Futhi ngiyazizwa ukuthi yimi enginecala. Uma kukhona noma yimuphi umehluko okufanele ukhokhwe kunalowo obukhona weholo kulokhu ukusa, ngizowukhokha mina uqobo. Sizokulungisa.

Ng'yaMthanda (Yena!), ng'yaMthanda
 Ngoba Wangithanda kuqala
 Wangithengela insindiso
 Kowase Kalvari . . .

³²⁷ Qaphelani isimo soHlwitho, ukuthi siyoba kanjani. Sihlangana thina ngaphambi kokuba sihlangane naYe, ngoba, Wayazi ukuthi uma sesifika lapho, ngiyobe ngimangala ukuthi ngabe ukhona yini, nina nimangala ukuthi ngabe ngikhona yini. “Kodwa,” iBhayibheli lathi, “thina esisekhona sisasele kuze kube sekuFikeni kweNkosi asinakubavimbela noma siba vimbe labo abalele. Ngokuba icilongo liyakukhala, nabafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala, khona-ke thina esisekhona sisasele siyakuguqulwa ngesikhashana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe kanye nabo.” O, kuyoba ngukhonza okunjani pho ngaleso sikhathi. Manje, “Sihlwithwe kanye nabo.” Manje, siba yingxenye yalokho ngaphambi kokuba lesosikhathi sifike, sihlwithwelwa oHlwithweni.

³²⁸ Asixhawulane nje, umzuzwana nje. Bese-ke sikhishwa, ngokomthetho, ngomzuzwana nje. Sisacula elithi *Ng'yaMthanda*, asixhawulane nje, sithi, “UNKulunkulu akubise, mfowethu. UNkulunkulu akubisise, dadewethu.”

³²⁹ “Ngi . . .” UNkulunkulu akubusise. “. . . Yena.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

[UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Besaphuma, ngizolandela, niyazi, ngivikele ukungabambeki esixukwini, niyaqonda.

“Be- . . .” Ngani, uNkulunkulu akubusise, mfowethu! . . . ? . . .

Wangithanda kuqala
 Wangithengela insindiso e . . .

UNKulunkulu akubusise, mfowethu.

³³⁰ Manje asiphakamise izandla zethu nje futhi sivale amehlo ethu. Manje, kamnandi ngempela.

Ng'yaMthanda, ngi . . .



INDIDA ZUL64-0418B
(A Paradox)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo ekuseni, ngo Apreli 18, ngo 1964, ekudleni kwasekuseni kweFull Gospel Business Men's Fellowship International eMorrison's Cafeteria eTampa, eFlorida, eU.S.A, uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org